# IZWI ELINGAQONDAKALIYO

Ngiyabonga kakhulu, Mfowethu, uNkulunkulu akubusise. "Indodana yami, uTimothy." Lokho kuhle kakhulu. UNkulunkulu akubusise. Awazi ukuthi lokho kungenza ngizizwe kanjani, ukubona insizwa, ukuzwa lawomazwi, ekhulunywa kanjalo. Kusho ukuthi, Mfowethu, ukuthi umsebenzi wami wonke wawungesilo ize. Ngikhuphukela eminyakeni, futhi nguye olandelayo. Futhi manje, kungenza nje ngizizwe ngikahle kakhulu ukuzwa lowo umhlangano onjalo, ukuthi uveze ini. Awusoze wazi ukuthi wenzani lapho uhlwanyela iziMbewu.

2 Kukhona inganekwane ngale eNorway ukuthi, banenqwaba yezimbali ezinhle eNorway, nenganekwane ingukuthi, njengoJohn Appleseed lapha, niyazi, ukuthi lendoda yayizithanda izimbali kahle kakhulu yayithwala amaphakethe ayo agcwele izimbewu, futhi yayihambahamba nje ihlwanyela izimbewu. Nomaphi lapho eyayibona khona indawo, yayihlwanyela imbewu yezimbali, futhi yingalesosizathu kunezimbali eziningi kangako, ngoba othile wahlwanyela izimbewu. Yilokho-ke.

3 Asihlwanyele iMbewu yeZwi likaNkulunkulu noma ngabe sikuphi, ngokuba asazi ukuthi Izovezani. NalezoziMbewu ezimbalwa, ngalobobusuku, zawela emhlabathini ovundile oveza i—inceku kaNkulunkulu yangokoqobo ngempela, ngimi lapha njengokukhanya okukhanyayo.

4 Ngedlula ngasebandleni lakhe ngolunye usuku, futhi angimkhumbuli umfana, kusobala, kodwa, kimi useyinganyana nje, ngiyangabaza emdala njengoBilly wami. Kodwa u… Emi ngaleya, ebona leli elihle, ibandla elikhulu i-Assembly of God elakhiwe ezansi lapho, Ngama umzuzwana nje, ngathi, "Ngiyabonga, Baba, gcina isandla saKho siphezu kwakhe."

> Futhi, ukwehlukana, siyakushiya emva kwethu
> Amanyathelo ezinyawo ezihlabathini zesikhathi.

Impela ngijabule, ngijabule ngempela, umgubho wesikhumbuzo sosuku. Izibusiso zikaNkulunkulu phezu kwenu nonke.

5 Manje, kusasa yiSonto, futhi silindele nina nonke zivakashi ukuba nithamele ibandla lomunye umuntu kusasa. Lamadoda lapha emsamo angamadoda angabefundisi bendawo, futhi alapha emele leliVangeli enisizwa silishumayela. Bakholwa into efanayo esiyikholwayo, futhi behlezi lapha beyimelele. Futhi bagcwalise amabandla abo kusasa, babe nesikhathi esimnandi.

6 Bese kuthi-ke, kusasa ntambama, sinikeza inkonzo yantambama, esikhundleni sokuba nenkonzo yakusihlwa, ngoba nje kudonsa abantu basuke esikhundleni sabo uqobo somsebenzi, futhi singaba nakho ntambama. Besifanele sikhonze usuku lonke ngeSonto, lolo wusuku olubekelwe lokho. Ngakho manje, yanini kuSonto sikole ekuseni, ndawondawo, futhi nihlalele isonto.

7 Futhi njalo kuyisono ukuthumela abantwana bakho kuSonto sikole, niyakwazi lokho, wonke umuntu uyakwazi lokho. Isono ukuthumela abantwana bakho kuSonto sikole, bathathe. Lokho yi . . . Ngakho manje-ke, nenza kahle, kodwa nenza okungalungile ngokubathumela nje.

8 Bese kuthi-ke, kusasa ntambama, ligamenxe elesibili, nibe lapha ngesikhathi uma ningakwazi. Futhi sizolindela enye inkonzo yokuphulukisa yakusasa ntambama. Ngiyakhuleka iNkosi izosipha ngokuchichima ngokwedlulele, kusasa ntambama. Bekuyinkonzo yangempela ngempela!

9 Uma labo . . . uma lowompheki noma umpheki opheke lokho kudla kwasekuseni kulokhu ukusa, ngapha e, angazi ukuthi siyibiza ngokuthini indawo ezinkundleni lapha, ake sithi, lokho bekukuhle ngempela. Ngokukhuluma ngokusobala, lokho kungokokuqala okumnandi, ukudla okuqinile engikudlile kuleliviki. Futhi ku . . . Lawo maqebelengwane noma isinkwa, noma ngabe bekuyini, isinkwa esinoshukela, lokho bekumnandi, njalo . . . ngi—ngikuthande ngempela lokho. Ngingathanda ukuba naleyondlela yokupheka. Dadewethu Wood, kuyise ekhaya kuMeda, futhi ubone ukuthi angazama yini ukukupheka. Lokho ngukupheka okuhle kweMethodisti, yilokho ngempela lokho . . . bekumnandi ngempela. Siyakuthakasela.

10 Futhi uma kwenzeka ukuthi umphathi wendawo abekhona, siyaxolisa ukuthi sihlale isikhathi eseqile, singazi. Kusobala ngiyaqonda, Mfowethu, mnumzane, ukuthi—ukuthi mhlawumbe izinkonzo zenu, nonke ninezinkonzo zenu nje isikhathi *esiningi kakhulu* zabelwe, futhi ngokuzenzekelayo nikujwayele lokho. Kodwa ngiyakutshela, Mfowethu, lababantu bePentecostal ngempela banejubili lokudla lapho bebuthana, futhi bahlala nje usuku lonke, ufanele nje ubaxoshe, yilokho kuphela okukhona kukho, basuse nje—basuse ezandleni zakho. Ngakho ba . . . Kodwa sizame ukukhulula, uBilly waqhweba imizuzu eyishumi nanhlanu, futhi ngicabanga ukuthi sikulungisile ngaphambi kwemizuzu eyishumi nanhlanu ukwenzela wena. Futhi siyaxolisa ukuthi siphazamisile lapho, ngoba besingakwazi.

11 Futhi siyanibonga ngempela, ngokusuka ekujuleni kwenhliziyo yethu, ngokusivumela sibe nalokho kudla kwasekuseni. Nani manenekazi amahle enisebenzile, nanoma yini okunye, ngiyabonga ngomusa omkhulu. Izibusiso zikaNkulunkulu ezicebile zibe nani.

12 Manje, bengicabanga nge, angikwazi ukukususa engqondweni yami, ngalokhu, ukuphenduka kukaMfowethu Hill. UMfowethu Banks Wood, omunye wabahambisana nami, uhlezi lapha, kulobubusuku, ndawondawo, ngicabanga ukuthi akayanga ekhaya namhlanje, kodwa ubesemhlanganweni kulokhu ukusa. Yilapho umfana wakhe, kunjalo, umhlangano ngaphambi nje kokuba lowo aphulukiswe. Njalo lapho ephatha umhlangano, ngi . . . into ethize egqamile. Manje, ngithanda nje, angifuni ukusuka endikimbeni yami lapha, kodwa ngithanda nje ukusho isenzeko esincane esenzeka ngempela esanquma izinsumpa zasuka kimi kulowomhlangano; lona ofanayo owaphendukela kuwo.

13 Ngiyanitshela, kulula kanjani ukuhamba nje nisuke eMbusweni kaNkulunkulu, uma ninga . . . Umama wami omdala wayevame ukungitshela, wathi, "S'thandwa, uhlala ucabanga kabili, bese ukhuluma kanye." Lokho yifilosofi enhle kakhulu, kakhulu, kuyiyo ngempela.

14 Ngangihlala, njengoba nazi, umhlangano wawumkhulu, futhi sasihlala ngaphandle ezweni. Kwakunokuningi okucwebezelayo emhlanganweni ngaleyonkathi, sekuthulisiwe kancanyana impela kusukela ngaleyonkathi, ngoba, o, u-Oral Roberts, nabanye abaningi beza ensimini, ngakho ba . . . Kungukuthi . . . Imvuselelo eMelika isizophela nje, niyakwazi lokho, siyakhothoza nje manje, lapho nje, sekucishe kuphele manje.

15 Futhi ngicabanga ukuthi . . . Yingalesosizathu ngixwayisa ngayo yonke inhliziyo yami, "Ukwahlulela kuyolandela lokhu, impela njengezwe." Akukaze kube—akukaze kube noma yisiphi isikhathi nokho emlandweni, kodwa lokho ukwahlulelwa okwalandela, nokwahlulela kuyolandela lokhu. Nemvuselelo yokuphulukisa isizophela nje eMelika manje. Futhi inhliziyo yami ilangazelela ukuya phesheya kwezilwandle, okungukuthi, mhlawumbe ezinyangeni ezimbalwa, Ngingahle ngenze okwami, konke okwami, ngihlale yonke impilo yami emasimini angaphandle.

16 Manje, ngakho, kulomhlangano ngadingeka ngihlale ngaphandle ezweni, futhi ngangisehhotela elincane labahamba ngezimoto, umfowethu angazi, uma evela kuleyongxenye yezwe. Futhi kwakukhona encane, ngikholwa ukuthi kwakuyindawo othenga udlele kuyo yamaMennonite ngaphesheya ko—komgwaqo, futhi babe . . .

17 Manje, abantu abangamaMennonite bangabantu abakahle ngempela. Ngidlulile namhlanje futhi ngabona isibhedlela samaMennonite lapha edolobheni, uma ngingahle ngiphuke ingalo futhi ngifanele ngiye esibhedlela, ngithemba ukuthi bazongiwezela esibhedlela samaMennonite, ngoba ngi—ngiyabathanda labobantu, bakahle ngempela. Futhi bakunika

njalo, ngikholwa ukuthi yi. . .Gene, mangaki ama-awunsi ephawundini na? Ishumi nesithupha, akunjalo na? Bakunika ishumi nesikhombisa. Niyabo? Futhi ngakho, futhi bangabantu abakahle ngempela.

18 Futhi ngangisesitolo othenga udlele kuso, namanenekazi amancane egqoke kahle kakhulu, ehlanzekile, namakhishi awo ayehlanzekile, futhi ayehlanzekile, amanenekazi amahle, konke nje nokuncinyane kwenenekazi elingumKristu langempela. Futhi ngakujabulela ngempela ukudla lapho, ukudla kwabo kwakukahle, futhi ngakho ngangiwelela lapho futhi ngidle.

19 Awu, ngeSonto ngangingadlanga mhlawumbe izinsuku ezimbili, ngilungiselela inkonzo enkulu yantambama, mhlampe ngenkathi lomfana waphenduka, noma, walethwa kuKristu. Futhi ngakho, uMnu. Baxter wayengikhulumela, uma nikhumbula, izinkonzo zantambama e—ekwandulelweni. Futhi ngakho, nga—ngalamba, futhi ngangazi nje ukuthi ngangizoshumayela ngaleyontambama, Ngangingezukuba nenkonzo yokuphulukisa, ngakho ngathi ukucabanga, "Awu, bekungeke kungilimaze ukudla isemishi." Ngathi, "Ngi—ngishumayela kanzima kakhulu, ngokwejwayelekile," ngathi, "futhi isikhathi eside kangaka, kuzo—kuzogayeka konke ngaphambi kokuba ubusuku bufikele inkonzo yokuphulukisa."

20 Ngakho ngathi. . .Ngaya ngale, nendawo encane yamaMennonite yayivaliwe, futhi babeye esontweni, nendawo yayivaliwe. Ngakho ngahamba nganqamula umgwaqo ngiya nje kwesijwayelekile, isitobhi esincane saseMelika, lapho ababenamasemishi neziphuzo ezibandayo.

21 Ngiyakuzonda ukusho lokhu, kungizwisa ubuhlungu nje, ngoba yisizwe sakithi uqobo, kodwa ukukubona kwehlisa isithunzi kakhulu! Ngenkathi ngihamba endaweni, into yokuqala kwakuyiphoyisa, limi ligaxe owesifazane ngengalo yalo endaweni engafanele, lidlala umshini wokugembula. Manje, ukugembula akukho emthethweni e-Ohio, abaningi benu bantu base-Ohio niyakwazi lokho. Bese kuthi-ke iphoyisa, elifanele ukuba lisekele umthetho, limi lapho lephula umthetho, nendoda enguntanga yami, mhlampe yayinabantwana ekhaya, nonkosikazi, imi lapho igaxe owesifazane ngengalo. Ngabheka, ngase ngicabanga, "O, he!"

22 Ngezwa omunye ehleka, ngabuka emuva ngasemuva, nesigejane salaba lapha abafana. . .Ubabiza ngokuthini na? Imidlwembe, noma ngabe yini. . .? Ukuthi kukhona izinwele ezibukeka ziyisicaba zigundiwe ngaphezulu, nedada lihlezi kwingemuva lentamo yabo noma okuthize, begqoke amajakethe ama-ovaloli, namabhulukwe abo edonswe ehla *kanje*, futhi. . .Bafana, yibani yindoda. Unakho ukwenza okungcono kunalokho. He! Ngakho nabo babehleli emuva lapho, nenekazi elisencane, engengaphezu kweminyaka

eyishumi nesikhombisa noma ishumi nesishiyagalombili ubudala, nalelonenekazi eliselincane, indlela ababenza ngayo, belizungeza, kwakuyihlazo. Futhi ngacabanga, "Awu, kuthiwani ngalokho na?"

23 Ngezwa omunye ethi, "Ucabanga ukuthi imvula izolimaza okusasipinashi okunenduku ebomvu na?" Ngabuka ngale *ngapha*, futhi nakho kuhlezi owesifazane, ngi—ngiyasho . . . a—angi—angikholwa ukuthi lena yindawo yokwenza ihlaya, lena yindawo yokwethembeka nokuba neqiniso. Futhi nakho kuhlezi owesifazane okwakungaba ugogo wami. Wayehlezi lapho egqoke lezo ezincanyana, izingubo ezingenasimilo, nowesifazane wayenezinzipho zozwani ezipendwe ngokububende. Manje, nganginozipho lozwani lwami olubukhwebezane, kodwa emva kokuba sengilugxobile, noma okuthize, kodwa kwakuyizinzipho zozwani ezipendwe ngokuphephuli, no*kupenda izizipho* okupendwe ngokubukhwebezane ezindebeni zakhe, niyazi, na—na—namabala amancane ebusweni bakhe. Nencane . . . inenekazi lalinezinwele ezigundiwe ezimfishane ngempela, futhi zipendwe ngokul'hlaza s'bhakabhaka.

24 Manje, ngi—ngi . . . Lokho, manje, lelonenekazi linelungelo kunoma yini elikufunayo, niyabo, lokho akulutho kimi, niyabo, kodwa a—angikholwa ukuthi iNkosi yake yenza noma ubani onezinwele ezil'hlaza s'bhakabhaka. Ngi—ngi . . . Kwakubukeka kuxakile ngempela. Nento endala bandla, isindala, nenyama engalweni yakhe yayintekenteke, ilenga, niyazi, *kanjalo*. Futhi ngakho, ngambuka.

25 Futhi kwakukhona ikhehla, futhi lali, ngiyesaba kwakuphezulu, ngesikhathi sasehlobo, ngasekupheleni kwentwasahlobo, cishe ngoMeyi noma ngoJuni, nomfo omdala ehlezi lapho egqoke ijazi lempi, nesikhafu esikhulu ezisonge entanyeni yakhe, ababili babo, bedakiwe. Babehlezi lapho, bephuza. Ngakho, bazicela base bephuma, bamshiya yedwa.

26 Ngama lapho, ngase ngithi, "Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamazulu nomhlaba, ngivela esiqongweni sentaba ngiya emphandwini wamagundwane." Futhi ngathi, "Ungakwenza kanjani Wena, ungcwele, njengoba ngazi ukuthi Unjalo, uke ubuke inkundla enjengaleyo, futhi uyivumele ibe khona na? Awuthumeli ngani nje ukuzamazama komhlaba bese ucwilisa yonke into na?" Ngathi, "Ukusho ukuthi uSarah wami omncane noRebekah bazofanele bakhuliswe phansi kwento enjengaleyo! Ukudingeka, njengalowo wesifazane osemusha emuva lapho, futhi bukani lapha kulokho, abesifazane, futhi lapha, nabesilisa beziphatha ngendlela abayiyo! Nemithetho yezwe lakithi ibolile futhi yonakalisiwe, futhi—futhi . . . " Imithetho ilungile, kodwa labo abazama ukuwuphoqelela, nento enjalo yalokho! Ngacabanga . . .

27 [Udade ukhuluma ngezilimi, umfowethu uyahumusha: "Ya,

yini obungaba nayo ngaphandle kothando lukaNkulunkulu na? Yebo, Ngithi kini, kulobubusuku, bantu bami, vukani, yebo, ngokuba NginguNkulunkulu futhi angiyikumela, yebo, abayikuma, usho uNkulunkulu. Angiyi njengalokhu esho na? Yebo, umprofethi waMi akayikukulethela isikhathi esizayo na? Yebo, aNgiyikukhuluma yini kuwe, ngithi uyakubhubha nokubhubha uma ungasishulwa na? Yebo, Ngithi, nguwe oyakusho okuyakwenziwa. Nokho, Ngithi yiMina, uNkulunkulu, oyothathwa, yebo, yiMina, uNkulunkulu oyophiwa wena. Yebo, futhi ngithi, yemukela, kulobubusuku, ngiyaphinda ngithi, yemukela Lowo onguMkhuzi wezinto zonke."—Umhl.]

28 Ayibongwe iNkosi! Manje, angilazi lelonenekazi, futhi angazi ukuthi ubani owenze lokho kuhumusha, Angiyazi lendoda, kodwa manje, uma ninokungabaza ukuthi ngabe bekuqinisile noma qha, lindani ngize ngiqede indaba yami.

29 Ngangifuna uNkulunkulu amshaye afe, ashaye yonke into ayikhiphe. Ngezwa umuzwa oxakile ngempela, ngahlehlela emuva emva komnyango. Lalelani, ukuthi wathini, "YiMina, uNkulunkulu, owanikezwayo." Niyabo? Futhi ngahlehlela emuva emva komnyango. Manje, lokhu kungokwenu bafundi beMethodisti esakhiweni, lalelani lokhu, noNkulunkulu unguMahluleli wami, ngaya emva komnyango, ngase ngithi . . . Kukhona okwakuqhubeka, futhi ngabuka, futhi kwakungumbono unyakaza, futhi ngibone umhlaba, futhi kwakukhona njenge—ngendingilizi noma inkungu yokubomvu, izungeza umhlaba, iphenduka. Futhi mina, kwakubukeka sengathi amehlo ami ayegxile kimi emhlabeni, ngenza izinto eziyisono engingafanele ngizenze.

30 Futhi njalo uma ngaqala ukwenza into ethize engalungile, ngaqaphela ukuthi kwakwenyukela phambi kukaNkulunkulu, futhi ukuba kwakungesikho okwaleloGazi elinenkungu, ngangiyofa. Kodwa iGazi likaJesu liziphathisa okwebhampa emotweni, futhi ngaso sonke isikhathi isono sami sasishaya uNkulunkulu, phambi kwesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, sasibukeka sengathi sasiyoshaya uJesu ngaphambi kokuba sishaye isihlalo sobukhosi. Futhi Wayenikina ikhanda laKhe, nezinyembezi zehle ezihlathini zaKhe, futhi Uyothi, "Baba, mthethelele, akazi ukuthi wenzani."

31 Khona-ke ngenza enye into engalungile, futhi khona-ke kwakubukeka sengathi Wayeziphathisa okwebhampa phakathi kwami nokufa, ngokuba uNkulunkulu wayesevele ekushilo ukufa kwami: mhla ngona, kwakuwusuku engafa ngalo. Futhi khona-ke, angiqondanga, ukuthi kungani leyonkungu izungeze umhlaba.

32 Futhi ngabheka phezulu lapho, kwase kuthi-ke incwadi yami—yami yayivuliwe. Futhi lowo ngumbono, njengoba nje ngibona lapha endlini, kuphela lena yilena nje eniyibangelayo,

lokho kwakuyilokho uNkulunkulu akunikeza. Futhi ngaqaphela ukuthi kwakukhona igama lami encwadini, nazo zonke izinhlobo zezono zazibhalwe ngami kuleyoncwadi.

33 Ngase ngithi, "Nkosi, ngabe izono zami zikwenze Wahlupheka kanjalo na?" Futhi Wayekhala, izinyembezi zazisebusweni baKhe, futhi—futhi Wayebukeka ekhandlekile kakhulu, amehlo aKhe ampofu, alengayo, njengoba ngibonile ukuthi izono zami zaziMbangele ukuba ahlupheke. Ngathi, "Nkosi Jesu, ngiyaxolisa. Ngiyaxolisa ukuthi izono zami zaKubangela ukuba—ukuba uzwe ubuhlungu ngenxa yami. Uzongithethelela na? Ngiyathembisa ukuthi ngi—ngizolunga, futhi ngizokwenza konke engingakwenza, uma nje Uzongithethelela."

34 Futhi Wathinta uhlangothi lwaKhe ngesandla saKhe, futhi Wabhala ngapheseya kwaleyoncwadi, "Uxolelwe," wakufuqela emhlane waKhe oLwandle lokuKhohlwa, ukuba angabe esakukhumbula ngami. Futhi ngawa ngamadolo ami, ngase ngithi, "O Nkosi, angisoze ngaphila isikhathi eside ngokwenele ukuzwakalisa kuWe ukubonga kwami ngaWe uthethelela izono zami."

35 Wathi, "Manje, ngikuthethelela ngesihle kukho konke okwenzile, futhi ufuna ukumbhubhisa."

36 Lokho kwangifundisa isifundo. Ngenkathi umbono ungishiya . . . Manje, bhekisisani lokho kuhumusha, "UNkulunkulu waphiwa thina." Niyakubona na? Ngokuphelele ngamazwi a . . . Ngaphambi kokuba ngikusho . . . Futhi kunabantu abahlezi phakathi lapha abavela ebandleni lami, nezinto, ongizwile ngixoxa leyondaba ngaphambili, futhi wazi ukuthi lokho kuqinisile. Kunjalo impela. Niyabo? Khombisa ukuthi uphelele kanjani lowoMoya kaNkulunkulu, ukhuluma lapho ngezilimi ezingaziwa, futhi ukuhumusha, kungekho namunye wabo ongaziyo, noma kungekho lutho . . .

37 [Udade ukhuluma ngezilimi, umfowethu uyahumusha, "Yebo, Ngingathuma umprofethi waMi ekhala izinyembezi na? Yebo, Ngiyakumthuma efuna, funa kube ngenxa yakho na? Yebo, ngithi kini, kulobubusuku, bantu bami, yimina, uNkulunkulu, omi phambi kwenu. Yebo, beningeNgilandele na? Yebo, ngangingasuye yini o—Lowo owanithandayo na? Yebo, ngangingasuye Owathwala ububi benu na? Yebo, ngangingasuye yini Owahlupheka na? Yebo, ningaNgivumela ngikhale na? Yebo, ningavumela Nginikhalele izinyembezi na? Yebo, Ngithi kini, kulobubusuku, ningesabi, ngokuba Ngimile, yebo, Ngimi ngilungele ukwemukela. Uyathanda ukuza na? Isho iNkosi."—Umhl.]

38 Ayibongwe iNkosi! Lalelani lokho. Umzuzwana nje. "Koze kube nini nima phakathi kwemibono emibili na?"

39 Niyazi ukuthi ngenzani na? Manje, bhekisisani indaba lapho iqhubeka. Ngaphuma ngaya kowesifazane, emi phandle lapho. Ngathi, "Baba, ngithethelele." Ngaphuma ngaya kuye, ngathi, "Ngingahlala phansi na?"

Wathi, "O, sawubona." Wathi, "Ngi—nginomngane."

40 Ngathi, "Nenekazi, bengingakuqondile ngaleyondlela." Ngathi, "Ngingathanda nje ukuhlala lapha umzuzwana nje, kuze kubuye abangani bakho." Ngibonile ukuthi ubephuza.

41 Futhi wathi, "Kahle kakhulu." Futhi ngamxoxela indaba engatshelwa yona ngombono. Wathi, "Ngiyakwazi ukuthi ungubani," wathi, "Uyilowo Mnu. Branham osezansi lapha kuleyondlu yokugcina izikhali."

Ngathi, "Yebo, memu, nginguye."

42 Wathi, "Ngedlula emhlanganweni wakho ngobunye ubusuku, angikwazanga ukungena." Wathi, "Mnu. Branham, ngingaphezu kwamathemba." Wathi, "Ubaba wami wayengumshumayeli weMethodisti, nginamadodakazi amabili angothisha bakaSonto sikole beMethodisti."

Ngathi, "Kwenzekani na?"

Wangixoxela indaba. Wathi, "Alikho ithemba ngami."

43 Ngathi, "Nenekazi, uma lingekho ithemba lakho, pho uNkulunkulu ungikhombiselani lowombono na?" Futhi lapho nesandla sami kwesakhe, ngamholela ngqo ngamkhiphela maphakathi nephansi lendlu, futhi waguqa phansi lapho, futhi waba nomhlangano womkhuleko, futhi ngamholela emuva kuNkulunkulu, khona lapho.

44 Kungahle kube khona omunye phakathi lapha, kulobubusuku, kulesosimo. Umusa kaNkulunkulu, uchithekele yonke indawo ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele. Niyabo?

45 Ngiwukhumbula kahle lowomhlangano, ndodana. Kungikhumbuza lokhu: Akunandaba ukuthi umuntu wenzeni, bathande, futhi yilokho okubazuzayo.

46 Kusasa ntambama, manje, ningazikhohlwa izinkonzo, iNkosi ithanda, sifuna ukukhulekela abagulayo.

47 Futhi ngifuna ukwenza lesisitatimende ngaphambi kokuba ngithathe indikimba yami, ukuthi, izolo kusihlwa, ngenkathi ugcobo lukaMoya oNgcwele . . . Okungukuthi nganginga, nhlobo, ngihlose ukuba nanoma yiluphi uhlobo lwenkonzo enjalo, kwakuvela engqondweni yami ngokuphelele, bengizothatha abazalwane bami bese ngehlela phakathi kwalabobantu abebehlezi lapha emibhedeni eyizinhlaka, izinhlaka, befa, izihlalo ezinamasondo, kanjalonjalo, futhi bame phansi lapho, futhi babambe . . . Futhi ngatshela uMfowethu Hearn, ukuthi ngenkathi ngithumela abazalwane bami ezansi lapha, ukuba yena ame ngakimi, Ngangifuna ba . . . Ngazizwela

nje emva kokukhuleka, futhi angidlanga nhlobo iviki lonke, uku. . . ukuthi kukhona okuzokwenzeka lapha okuyobangela abantu ukuba baphaphame.

48 Kuphela, uNkulunkulu angasebenza kuphela lapho kunokukholwa khona. Futhi ngacabanga ukuthi ukushumayela okunzima, kanjalonjalo, ngempela bekuyoletha abantu endawaneni, nokuqinisekiswa koBukhona bukaMoya oNgcwele bekuyophelela kakhulu, ukuthi babengenakungabaza. Futhi ekwenzeni kanjalo, nga—ngahlala, kanjalo, ngikholwa ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi uNkulunkulu uyokwenza okuthile ngaleyondlela. Futhi into yokuqala niyazi, ugcobo lwehla, kwaqala phandle lapho kulesosakhiwo, kubamba labobantu ababefa phandle lapho, esimweni, futhi nakhu kufika, ezansi ngqo ngalowomugqa, ephulukisa labobantu ezansi ngqo kuleyomibhede eyizinhlaka nezinhlaka, kuhlanza izingubo lapho kudlula.

49 Okokugcina engikukhumbulayo kwakundawo ndawo ngapho, nabantu besukuma bephuma ezihlalweni zabo ezinamasondo, nezinhlaka zemibhede, nezinhlaka, futhi bephulukiswa, lokho kwakucishe kube yinto yokugcina engangiyikhumbula. Kwakungukuthululwa okukhazimulayo kukaMoya oNgcwele.

50 Angazi noma ngabe ukhona yini obengahlala phansi kogcobo kanjalo, bese-ke ejika, athi, "Qhabo, a—a—angi. . . " Ngikholwa ukuthi bekungathi ukuba l'khuni kini ukuba nize niphulukiswe, uma—uma beningeke—uma beningenakukwemukela ngaphansi kwalokho, a—angicabangi ukuthi bekungaba khona noma yiyiphi indlela yokuke kuphinde kungene, niyabo, phansi kogcobo olunjengalolo. Manje, leso kwakuyisikhathi esimangalisayo!

51 Manje, uma ngikhuluma iqiniso, selokhu ngahamba, bengilokhu ngisezimvuselelweni njalo kusukela ngoDisemba. Futhi manje, ngike ngaba sezindaweni lapho abantu begcwele khona phama, nemihlangano emikhulu kakhulu nezinto, kodwa angikaze ngazi noma ngasiphi isikhathi ukuthi uMoya oNgcwele wake wagcotshwa ngokugcotshwa okunjalo kokuphulukiswa, njengoba bekunjalo khona lapha izolo ebusuku. Kunjalo. Futhi ngibonga kakhulu ngakho.

52 Futhi khumbulani nje, ukuthi kukhona abantu obelapha izolo kusihlwa, enizozwa kubo, ba—baphulukisiwe, futhi abakwazi. Niyabo? Ba—balindele nje ukuthi kukhona okungenzeka ukuthi kwenzeke kubo bonke ngokuzenzakalelayo, akumele kuze kanjalo, inqobo nje uma kukhona *okuthize* phakathi lapho othi, "Yebo, lokho kuyakuxazulula," angikhathali ukuthi kuthatha isikhathi eside kangakanani. Ngakho, nina befundisi khumbulani ukuthi emabandleni enu

nizobe nibona abantu beza, bethi, “Awu, uyazi, a—angisenawo nje.” Niyabo?

53 Kwase kuthi-ke, indodana yami yayingitshela ukuthi inenekazi liyadlula, lingahle libe lapha manje, lithi, “Buka amehlo omntanami, khumula izibuko,” izinxemu ezisabekayo, wadonsa izibuko, futhi uBilly wathi amehlo ayeqonde ukwedlula awakhe. Ngakho, kukhona nje. . . Kungukuthi nje, kuyilokho-ke. Niyabo, akukho-muntu owawathinta. Niyabo, yilokho engizama ukukufinyelelisa kubantu, ukuthi akusikho ukuthi siyakuthinta noma qha, nguwe othinta *Yena*. Niyabo? Ngukukholwa kwakho okukuphulukisayo.

Manje, kulobubusuku, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, njengoba siphenya amakhasi eNcwadi. Bese kuthi-ke, ngakho, thulani.

54 Nkosi Jesu, sisondela esihlalweni saKho sobukhosi somusa futhi, futhi sicela isiqondiso sobuNkulunkulu, kulobubusuku, ukuze Usiqondise emicabangweni yethu, neyethu. . . Sazi, kulobubusuku, ukuthi izinhliziyo zethu zingaphezu kokujabula, njengoba uDavide asho, wasendulo, “Indebe yami iyachichima.”

55 Nokuthi sazi kanjani, emva komhlangano onjalo izolo ebusuku, kwabonakala sengathi, Nkosi, ukuthi lonke lelidolobha liyothungelwa ngomlilo! Kodwa bakuphi na? Nkosi, qiniso, besingakholwa kanjani ngaphandle kokuthi Ubamisele ukuPhila, noma, ngokwazi kwaKho ngaphambili, Wawazi ukuthi ubani oyoKwemukela, nokuthi ubani ongeke! Angafika kanjani umuntu, lowo lapho uNkulunkulu engakambizi, noma ammisele ukuba aphile na? Ngakho siyaqonda njengoba bekunjalo eminyakeni, kunjalo namanje, lezo ezimpofu, ezilusizi, izidalwa ezingabantu eziphuphuthekile, nokho abantu abaningi abanenhliziyo enhle, abantu abakahle, abaphila enhle, impilo elungileyo, mayelana nezimilo, futhi nokho balahlekile ngokuphelele futhi sebehambile, bengenathemba, bengenaNkulunkulu, bengenamusa, kulobubumnyama, ihora lokufa.

56 Baba, inhliziyo yami iyopha, futhi iyanxusa, futhi angazi ukuthi yini enye okufanele ngiyenze, kodwa ngilokhu nginikeza iphimbo lami nje, ukuthi ngaloloSuku, liyoba seteyipini kazibuthe ingene eNkazimulweni.

57 Futhi ngikhulekela ukuthi Uzoqhubeka ube nathi futhi usisize. Busisa izinkonzo kusasa, njengoba abafowethu abangabefundisi bekhonzisa emabandleni abo. O, kwangathi kungabakhona uMlilo ovela eZulwini kuwo onke ama-altare! Siphe khona, Nkosi. Kwangathi kungaba nezinkonzo ezinkulu ezweni lonke nakulo lonke izwe kusasa, futhi usindise wonke lowo osindisekayo.

58 Busisa izinkonzo kulobubusuku, nalamaZwi ambalwa, Nkosi, afundiwe kulentambama, lapha emBhalweni,

nalapho engikhethe khona ukukhuluma amazwi ambalwa, kulobubusuku. Kwangathi kungaba njalo, ukuthi abaningi bazokwemukela ukukholwa futhi bakholwe kuJesu, ngokuba siyakucela, eGameni laKhe. Amen.

[Umfowethu ukhuluma ngezilimi—Umhl.]

59 A-hha. UMoya oNgcwele ungahle. . .Ngokujwayelekile imilayezo ifika ibe mithathu; kungebe ngaphezu kwemilayezo emithathu ngesikhathi, ngokomBhalo. Kodwa lowo ngumlayezo wesithathu, futhi kungahle kube nguMoya oNgcwele uzama ukukuyisa komunye umuntu, ngakho hloniphani ngokuzithoba ngempela, wonke umuntu.

60 [Umfowethu uyahumusha, "Yebo, wena onendlebe yokuzwa, makezwe lokho okushiwo ngumBhalo. Futhi ngathi kubafundi baMi, lapho Ngisondela kubo endleleni eya e-Emawuse, ukuthi uma kuphela beyokholwa, futhi njengoba babenezinhliziyo zabo zivulekile emiBhalweni, lapho Ngikhuluma kubo amazwi okuPhila, izinhliziyo zabo zavutha phakathi kwabo, uma kuphela ubungavula amehlo akho ukuze ubone, izindlebe zakho ukuze zizwe, ukholwe, futhi wamukele inkazimulo kaNkulunkulu."—Umhl.]

Amen. NgiyaKubonga, Nkosi.

Bengingadonsa kulokho, ukuthi bayoba njenga. . . ukuthi uJesu. . .Nanku umkhuleko wami kuYe, phezu kwaleyomilayezo:

61 Nkulunkulu, makube njalo, kulobubusuku, ngenkathi. . . Wena sivalele phakathi njengoba Wenza kulabo ababevela e-Emawuse, futhi kwangathi singabona, kulobubusuku, Yenza into ethize phakathi kwethu njengoba Wenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, ukuthi izwe elilapha, kulobubusuku, noma, iBandla, lingahle lazi ukuthi Uvukile kwabafileyo.

62 Kwangathi A. . .Bazi kanjani ukuthi WayenguJesu ofanayo na? Ngoba Wenza izinto ezifanayo Azenza.

63 Manje, ngiyacela, nonke nigcine isihlalo senu, futhi nihloniphe ngokuzithoba ngempela, ngiyanicela eGameni likaJesu, hlalani phansi, nihloniphe ngokuzithoba ngempela, futhi nilalele.

64 Manje, uMoya oNgcwele ukhulume ngohlobo oluthize lwesiphiwo, sezilimi nokuhumusha, kwakungekho neyodwa into kulokho engingayihlazisa, kodwa ngikholwa ukuthi ivela kuNkulunkulu. Futhi manje, kufika ngaphambi kokuba ngifunde imiBhalo, akufanele kushiwo sisashumayela, "Umoya wabaprofethi uthobela umprofethi." Futhi manje, kufika ngokuhlelekile, kulungile. Futhi, manje, kubonakala sengathi Uzama ukucindezela ukuthi uNkulunkulu uzokwenza okuthize, nokho, angikawakhiphi amakhadi omkhuleko enkonzo yokuphulukisa, kodwa into ethize ingenzeka, angazi.

65 Kodwa niqaphelile yini ukuthi kwakuyini na? LowoJesu, ngenkathi E. . . Babecabanga ukuthi Wayebethelwe, futhi wayesehambile, kodwa Wakhuluma nabo usuku lonke, futhi babengaMazi. Kwase kuthi-ke ngalobobusuku, Wabafaka ekamelweni wayesevala umnyango, ngenkathi Esesendlini yezihambi, khona-ke Wenza into ethize, njengoba Enza nje, akekho omunye owakwenza kanjalo, futhi Wakwenza nje ngendlela Enza ngayo ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, futhi bona. . . Futhi-ke Wenzani na? Wanyamalala ebumnyameni. Futhi bagijima yonke indlela babuyela kubantu bakubo, futhi besho ukuthi ngempela uJesu wayevukile kwabafileyo. Babekwazi, ngokuba babazi ukuthi Wenza into ethize njengoba nje Enza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, kwakungubufakazi bokuthi kwakunguJesu ofanayo, wavuka kwabafileyo. Kwangathi Angenza into efanayo.

66 Futhi lapho sisuka lapha, kulobubusuku, siya emakhaya ethu ehlukene, kwangathi singakwazi ukusho njengalabo ababevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?"

67 KwabaseKorinte bokuQala, isahluko 14, ivesi 8:

> *Ngokuba uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani oyakuzilungiselela ukulwa na?*

68 Futhi ngifuna ukukhuluma ngendaba ethi *Izwi Elingaqondakaliyo*. Manje, uPawulu wayekhuluma (Akumangalisi lokho na?) phezu kwento efanayo lapha, ngokunikeza izilimi nokuhumusha. *Izwi Elingaqondakaliyo*.

69 Manje, siphila osukwini lokungaqondakali. Siphila osukwini lapho kukhona yonke into, cishe impela, esingabeka izandla zethu phezu kwayo, okwemvelo, akuqondakali. Kuningi kakhulu ukungaqondakali sekuze kuthi izizwe ziya—ziyazamazama. Kukhona ukungaqondakali ekuvikelekeni kwezwe lethu; asisekho isizwe esiphephile.

70 Singaba phakathi kokuthi sibe yi—yizisulu eRashiya, phakathi nobusuku kulobubusuku, noma sibe yizicucu, kuya ngokuthi iRashiya ifuna ukwenzani ngakho.

71 Sikhuluma ngososayensi bethu, banamadoda abangawafaka amamayela angamakhulu amabili emoyeni, emshinini omncane oza ngqo ngapha, babahlalise phezu kwesiqongo salesisizwe, bese bethumela umlayezo phansi, bese bethi, "Kuphakathi kokuthi nizinikele, noma sidonsa ingcipho, futhi yilokho kuphela." Abadingi ukuba balinde kuze kube kusasa ukuba bakwenze, bangakwenza khona manje.

72 Uma sinengqondo, besiyokwenzenjani na? Ibiyokwenzani i—iPentagon, besingenzani i—i—isizwe na? Bebeyozinikela, bebeyodingeka. Khona-ke kuyokwenzekani na? Amagagasi ngamagagasi amasosha aseRashiya abeyokhwela ezweni lakithi

lapha, edlwengula abesifazane bethu, ethatha amakhaya enu, futhi enikhahlela enikhiphela emgwaqeni, futhi anidubule, futhi abulale abantwana benu phambi kwenu, futhi edle isizwe. Khona-ke besiyokwazi ukuthi isono sini . . . ukuthi sibe kanjani . . . ukuthi kwakusho ukuthini ukuhleka ebusweni benkonzo yezenkolo, futhi nibabize ngesigejane sabagingqiki abangcwele, noma . . . Khumbulani, kuyeza. Akukho kuphepha kwezwe.

73 Si—si—sise—si—sise—si, emkhosini kaBelshazari, futhi. Babecabanga ukuthi ngoba babengaphakathi kwalezozindonga ezinkulu, ezedlula zonke zo—zososayense, izinqola ezedlula zonke (Babengagijimisa izinqola zempi ezintathu noma ezine ngokuzungeza lolodonga lwaseBabiloni futhi—futhi ngaphandle kokunyakaza i . . . ukulahlekelwa yihhashi, noma inqola. Namasango amakhulukazi, mhlawumbe ayeyingxenye . . . o, amashumi amane, amafidi angamashumi amahlanu ububanzi, kanjalo.), kwakungekho sizwe esasingafinyelela kubo, kumbe noma yini enye, ngakho baphila nje esonweni, noma ngayiphi indlela ababefuna ngayo. Kodwa uNkulunkulu angabuka ngaphezu kwesiqongo sodonga.

74 Futhi babene—eyejwayelekile, iphathi yetiye enkulu ngobunye ubusuku, noma isitishi esikhulu sokudakwa, okwakuyikho, into efana nezinye zezinhlelo zethu zethelevishini zesimanje, lapho bona, emva kokuba sebethole konke okuhle futhi bedakiwe, babecabanga ukuthi babengaqhulula amahlaya ambalwa ngomshumayeli onempandla, noma into efana naleyo. Futhi kwenzekani na? Bahamba futhi bathola izitsha zeNkosi, futhi baphuza iwayini ngazo ukuba bahlekise. Futhi ngalobobusuku, lokho kwaku, niyakhumbula, lokho kwakungukuqala kombuso wabeZizwe.

75 Ngifuna ukunibuza nina bantu into ethize engahle igxeke kancane. Noma ubani owazi iBhayibheli, uyazi ukuthi uNkulunkulu uqala . . . wasebenzana namaJuda kwaze kwaba yiNkosi uNebukadinezari; ikhanda legolide lalingukuqala kombuso wabeZizwe, liphelela ezinyaweni eRoma. Kunjalo, bazalwane, nina bafundi beBhayibheli na? Bhekisisani ukuthi kwenzekani. Kwenzani ekupheleni kwalowombuso na? Nakho kufika isandla esiloba odongeni esasingezilimi ezingaziwa. Akekho owayengaWuhumusha, kodwa babenendoda lapho eyayinesiphiwo sokuhumusha. Ngakho, yeza futhi yafunda isandla esiloba odongeni.

76 Futhi Ufundwe lapha futhi, kulobubusuku, ngohlobo olufanayo loMoya, unikezwa nguNkulunkulu ofanayo. Isandla esilobayo sisodongeni, ngaso sonke isikhathi kade sichitha imali yethu, namahlaya, nakho konke, siba nje isigejane esikhulu sabamahlaya, sihleka inkolo, sihlekisa ngayo, futhi ngaso sonke isikhathi iRashiya ibilokhu ibeka izinto emoyeni okukude kakhulu ngaphambi kwethu, baze babe yiminyaka neminyaka

neminyaka ngaphambi kwethu. Niyakhumbula amaMede-o-Peresiya wayesesangweni, elindile, ngenkathi lezizinto zenzeka, futhi babengazi lutho ngakho.

77 Akusekho ukuphepha kwezwe. Lapho bekutshela ukuthi siphephile, ukuthi singenza *lokhu* noma senze *lokho*, bayaphaphalaza. "Yimba umgodi emhlabathini," okunye kwalokhu lapha izinto zokuvikela kazwelonke, "bese ugijimela emhlabathini," futhi leyobhomu iyoqhumisa imbobo emhlabathini amafidi ayikhulu namashumi amahlanu ukujula, ikhulu ne...amamayela isikwele, awu, uma ubungamafidi ayizinkulungwane ezinhlanu ngaphansi komhlaba, ubuyoba sobindizeni lwentabamlilo, futhi uma ubungamafidi ayizinkulungwane ezinhlanu ngaphansi komhlaba, ukwethuka bekungaphula onke amathambo emzimbeni wakho.

78 Ngakho ungeke umbe phansi futhi usuke kuyo, ayikho nhlobo indlela yokuphunyuka kukho. Lapho—munye kuphela umpheme ongangena ngaphansi kwawo, nalowompheme awenziwe ngensimbi, wenziwe ngezimpaphe, ngaphansi kwamaphiko aKhe. Haleluya, Unamandla; yilowo kuphela umpheme. Yenyukela ngaphezu kwalo. UHlwitho, luyeza.

79 Manje, kukhona ukuthula okungahlalisekile. Awudingi ukucabanga, izizwe ezinkulu njengeRashiya, izizwe ezincanyanyana zingakwenza. Sisekupheleni komgwaqo nje.

80 Futhi ndoda, benzani na? Oyedwa...Sithengisa yonke inqwaba yezinto esizweni esisodwa, sizama ukuthenga ubungani ngemali yethu, futhi lona impela iNdiya esithathe kulo imali, noma, sathatha izwe kulo, sibulawa yindlala phandle ngaleya enkangala, futhi sithatha izimvu zalo kulo, futhi silihlalisa phandle lapho lineTB, nakho konke okunye, ethendeni, bese-ke bethumela imali phesheya kwezilwandle, laphaya, bekubiza ngoku*vikela kukazwelonke*, bezama ukuthenga ubungani. Ungeke wabuthenga ubungani. Ukuchitha izigidi zamadola njalo ngonyaka ngewiski nobhiya, nezithunywa zethu zenkolo ensimini, zibulawa yindlala. Kuyiqiniso.

81 O, impela, sesihambile, isizwe asisekho. Zonke izizwe azisekho, akusiso lesisizwe kuphela. Ngicabanga ukuthi lena yindlovukazi yezizwe, yiqiniso, ngenkulu, impucuko yokugcina esinayo, kodwa sesiphelile, sekuphelile. Silungele nje ukuFika kweNkosi. Kunjalo. IBandla Lizilungiselela. Ngesikhathi sengiqedile, kusasa ntambama, uma iNkosi ithanda, niyabo ukuthi ngabe akulungile yini. Manje, nge—ngeZwi leNkosi, bonani ukuthi lokho akusilo yini iqiniso.

82 Manje, khumbulani ukuthi singeke sabeka ithemba kunoma iyiphi indawo yokuphepha ezizweni, nhlobo. Siya eRashiya, kuyi...kube ukuthi sizobaqhumisa; uma besho *lapha*, bazosiqhumisa; uma siya eJapani, kuyoba yinto efanayo nje; uselungele ukuba yizicucu khona manje. Futhi ayikho

indlela ongakumisa ngayo, ngoba badebeselele ukwenza khona impela uNkulunkulu abatshele ukuba bakwenze, futhi esikhundleni sokushumayela iVangeli, bakhe izakhiwo, futhi baba nemifundaze emihle, nemfundo, basebenzise umqondo wabo uqobo ukufundisa abantu kuwo.

83 Nalendoda esekuthethweni kwecala, leJalimane manje, esihlakaniphile, esinobuhlakani, isiqhwaga esiyisihlakani, futhi athathe lo-Eichmann, ofake iqeqeba lamakhaza labobantu ekufeni, wase-ke ebaphosa ngamanzi ashisayo, futhi wabulala izigidi, futhi ngenkathi ngiseJalimane, lapho kulezozindawo lapho ababebakhiphela khona lapho futhi babanika lokho kuphuphuma emithanjeni yabo, uHitler, futhi wabathumela phandle lapho, futhi bekhaliphile, befundile, ososayense, kude le (Ngani, sasi . . . ingxenye yempi yayisiphelile ngaphambi kokuba size sibe nesibhamu esingaqhathaniswa ne .88 yabo. Kuthiwani ngani masosha enibhekane nakho na? Uyazi ukuthi kunjalo. Ngani, thina . . . ), bangaphambi kwethu kakhulu kwisayense, futhi bakhaliphile, nakho konke kanjalo, futhi aphenduke futhi enze into enjengaleyo na? Ngubuhlanya.

84 Futhi noma yibaphi abantu abasha abangama esakhiweni nezandla zabo ziphakeme kukho konke lokhu kuqhubeka komculo wokuzibinya, nezinto, namabhithniki, kungubuhlanya! Kuyingozi. Bahambile, amandla engqondo abhidlikile. Khumbulani, umuthi wokwazi uhamba ibanga e*lide kangako* kuphela futhi ujikela emuva.

85 Ngakho lapho asina—nakho okuzwakalayo kokuphepha ekuvikelweni kwezwe. Imisebenzi yethu, asinakuphepha emisebenzini yethu—yethu, konke akuqondakali. Makuthi indoda yedlule cishe iminyaka engamashumi amathathu-nanhlanu ubudala, bayokusiphula, bazothola insizwa ukuze bangezukukuthathisa umhlalaphansi. Futhi emva kokuba usudlule eminyakeni engamashumi amane ubudala, wena uzama ukuthola umsebenzi, ngisho nokumba umsele, uzofanele ube nediploma yesikole esiphakeme ngaphambi kokuba ukwenze. Banenkinobho encane abangayicindezela, futhi iyakunakekela lokho noma kanjani. Imisebenzi yenu, aninakho ukuphepha emisebenzini yenu.

86 Angazi ukuthi lokhu kuliqiniso kangakanani, kodwa ngitsheliwe ukuthi kunabantu abaningi abangasebenzi khona manje, kunoma kwakukhona ngesikhathi sengcindezelo kaMongameli Hoover, ngoba kunabantu abaningi. Yini indaba na? Kusendaweni nje lapho okungekho khona isiqiniseko kulezizinto. Awuqinisekile ngomsebenzi wakho, omunye umuntu angathatha indawo yakho ekuseni.

87 Ezombusazwe . . . Ake sixoxe nje isikhashana, kulobubusuku, lona nguMgqibelo ebusuku. Ezombusazwe, azethembekile na? Macala omabili, nje azethembekile kakhulu

njengoba zingathembekile. Kwakufakazisa kulolukhetho lokugcina, ngenkathi iFBI ikudalula, ukuthi babenemishini ukuthi njalo lapho bevotela oyedwa, kuMnu. Nixon, babefanele bavotele uKennedy ngesikhathi esifanayo, futhi bakufakazisa. Futhi benzani ngakho na? Lutho. Manje, angisuye umDemokrathi, noma umRiphabliki, namunye, ngingumKristu. Ngakho omunye, ibhodwe ngeke labiza iketela ngokuthi limnyama, noma linamafutha, elilodwa limnyama nje njengelinye, lingcole nje njengelinye.

88 Kodwa yini indaba na? Yingenxa yokuthi akukho kuphepha kulezozinto, kuyadlalwa. IHouse of Commons enkulu yaseNgilandi, ngesinye isikhathi yathi, mayelana nentando yeningi, yathi, "Intando yeningi yonke ihamba ngomkhumbi, futhi akukho-hange." Wathi, "Kuyofezeka ukuthi osopolitiki bazoma emabhokisini ensipho, futhi benze ukhetho eMelika, futhi bakhokhe indlela yabo yokungena . . . " Kunjalo impela, kodwa akacabanganga ngeyakhe uqobo enhle, iNdlu yamaKhosi ethandekayo ukuthi iyokwenza into efanayo. Ngakho kukhombisa ukuthi zonke lezizinto zibolile futhi zibunile, ngoba kuza uMbuso oMsunguli wawo, uMuzi oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Lezizinto zifanele zidede.

89 Ezombusazwe konke . . . Ngikholwa ukuthi intando yeningi, impela, ngingumMelika, futhi ngiyakholelwa entandweni yeningi, kodwa, o, he, ezintweni ezibolile esentandweni yeningi! Yilokho-ke. Ngakho, kukhombisa ukuthi yonke lemibono eyenziwe ngumuntu, yasemhlabeni izofanele idedele uMbuso ozayo.

90 Ngike ngaba nenhlanhla yokuma ezinkundleni eGibhithe, lapho ofaro bama khona futhi babulala abantu, lapho izilwi ezilwa ngezinkemba, kanjalonjalo, umba amafidi angamashumi amabili ngaphansi komhlaba ukuze uthole umbuso wabo, lapho owahleli khona. Ngike ngama lapho ofaro bama khona, ngihlale lapho i . . . nezi—izinkundla ezinkulu zezemidlalo, ne—nezindawo ezehlukene e—eRoma, ne . . . nase . . . ofaro, kanjalonjalo, nemibuso yabo iwile, futhi esikhundleni nje sokubuka phandle lapha ukubabona, ufanele umbe phansi ukuze uthole amanxiwa abo. Ukukhombisa ukuthi wonke umbuso owenziwe ngumuntu, yonke inqubo eyenziwe ngumuntu, izofanele idede.

91 Ngakho-ke, niyabo, angikhathali ukuthi hlobo luni lwentando yeningi, mangaki ama U.N. esiwakhaya, zingaki iNhlangano yeZizwe, kumbe noma yini esinayo, konke kuyabola.

Isikhathi sigcwele ukuguquka okusheshayo,
Akukho lutho emhlabeni olunganyakaziswa oluyoma,
Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,

Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

Lapho loluhambo seluqediwe,
Futhi kuNkulunkulu ubuqinisile,
Ikhaya lakho elihle nelikhanyayo eNkazimulweni,
Umphefumulo wakho ohlwithiwe uyakubuka!

92 Angikhathali ukuthi yimalini ongayenza, noma zingaki izakhiwo obungazakha, noma ungaba ngumongameli ongakanani wanoma yiyiphi inkampani, iyawa, idilika.

93 Umcabango usengqondweni yami manje, walowomlayezo wengelosi yesithathu owaphumayo, uMartin Luther, uJohn Wesley, nengelosi elandelayo. Wathini umlayezo wengelosi yokugcina ngenkathi iwela, izingelosi ezintathu na? "IBabiloni liwile, liwile, selibe-yindawo yokuhlala bonke omoya abangcolileyo." Yilapho impela okukhona.

94 Impela, asinakuphepha esizweni sakithi. Akuqondakali ndawo zonke. Ukungaqondakali, ukungaqondakali emsebenzini wakho, ukungaqondakali kwezombusazwe, ukungaqondakali eqenjini leDemokrati, ukungaqondakali e—eqenjini lamaRiphabliki, ukungaqondakali kuzo zonke izinhlangano.

95 Nasebandleni, futhi kungukungaqondakali. Singaba kanjani nezinhlangano ezingamakhulu ayisishiyagalolunye ezehlukene, futhi zonke zehluka enye kwenye, bese-ke ziqophisana na? Ilunga labantu nje elimpofu lingazi kanjani ukuthi lenzeni na? Abantu bangazi kanjani ukuthi bame kuphi na? Omunye uthi, "Sina*kho* ngapha," omunye uthi, "Sina*kho* ngapha," futhi "Sina*kho* ezansi lapha." Yini abantu abaziyo ukuthi benzeni na? Kungukungaqondakali, ibandla linikeza izwi elingaqondakali.

96 Ezombusazwe zinikeza umsindo ongaqondakali, isizwe sinikeza umsindo ongaqondakali, ukuqashwa kunikeza umsindo ongaqondakali. O, bengingakhuluma ngezinto eziyikhulu ezingaqondakali, kungekho kuqondakala kukho.

Ibandla leMethodisti lithi, "Sina*kho*."

Ibandla lamaBaptisti lithi, "Uqamba amanga, sina*kho*."

IPresbyterian ithi, "Nobabili niqamba amanga, sina*kho*."

97 IPentecostal ithi, "Sina*kho*." Bukani nje ukuthi sihlukana kanjani, futhi siqophisane, futhi sikhathazeke, nakho konke, kukhombisa ukuthi asina*kho*. Kunjalo impela. Ngakho, lelo yizwi elingaqondakaliyo.

98 Izwi elingaqondakaliyo, ungeke. . .Wena uthi, "Awu, sizongena emgodini, futhi simbe emhlabathini, senzela ukuphepha kwesizwe." Kuzame kanye, ubone ukuthi kwenzekani.

"Nginomsebenzi, mfowethu, nginesithembiso." Badedele nje bashintshe abaphathi kanye.

99 Impilo yasekhaya ayiqinisekile. Owesilisa angashada omuhle, owesifazane omncane, ambuyise amkhiphe ezweni, lapha, lapho engonakele khona, amthathe amngenise ekhaya bese ebeka ithelevishini phakathi lapho, futhi into yokuqala uyazi, ufika ekhaya, uziphathisa okwezinye zalezizingcweti zamabhayisikobho.

100 Ukungaqondakali empilweni yasekhaya. Adedele abantwanyana bakhe bagijime baphumele emgwaqeni nobuso obungcolile, futhi phandle emgwaqeni bedlala, futhi abambe inja endala encane, enekhala elinamafinyila ngengalo yakhe, bese eyinika uthando lomntwana. Athwale inja endadlana emotweni, bese ezijwayeza ukulawula inzalo. Ngiyanidabukela nina besifazane baseMelika! Lokho kubi kabi ukusho lokho. Angazi, kodwa lesi yisikhathi esisodwa enizokuzwa ngaso, empeleni, uma nje nizohlala nithule, futhi ningalokhu niphuma. Omunye angababamba nje *okungaka*, bese-ke bedingeka baqhume futhi bagijime, kodwa—kodwa—kodwa lalelani, lelo yiqiniso, yiqiniso. Omunye uzofanele amemeze kakhulu amelane naleyonto!

101 Futhi kunabaningi umfowethu ongumshumayeli okahle omi epulpiti owaziyo ukuthi lelo yiqiniso. Kodwa liyini ipulpiti labo na? Yithikithi lokudla kubo. Ngingamane ngilale ngesisu sami, futhi ngiphuze amanzi egatsha, futhi ngidle amakhekhe omile anosawoti, ngishumayele iqiniso, kunokuba nenkukhu ethosiwe kathathu ngosuku, futhi ngifanele ngixegise eZwini likaNkulunkulu. Khuluma iqiniso, ngoba ufanele uphendule ngakho ngoSuku lokwaHlulelwa.

102 Impela, kukhona ukungaqondakali, ukungaqondakali. O, sithola . . . Khona-ke uthi, "Mfowethu Branham, usibeka egatsheni phandle lapha." Kunjalo, ukuze uzokwazi ukuthi ukuphi.

103 Wena uthi, "Manje-ke, Mfowethu Branham, ngabe kukhona okunezwi eliqondakalayo na?" Yebo, mnumzane. Yinye iNto enezwi eliphelele, eliqondakalayo. Kuyini na? YiZwi likaNkulunkulu. YiZwi eliqondakalayo, Liphelele, Umsindo oPhakade.

"Uqinisekile ngalokho na?"

UJesu Kristu washo kuMathewu, isahluko 24, ivesi 35, Wathi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze ledlula."

> Amathemba ami awakhelwe phezu kwalutho
> olungaphansi
> KuneGazi likaJesu elinokulunga;
> Lapho nxazonke umphefumulo wami udeda,
> Khona-ke Uyithemba lami lonke nokuhlala.

Ngokuba kuKristu, leloDwala eliqinile, ngimi;
Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo,
Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo.

104 Manje, iZwi likaNkulunkulu, izithembiso zaKhe, ziyiqiniso. Manje, yinye kuphela into yokusondela kunoma yini. Njengo-Israyeli, u-Israyeli wayengumfanekiso ophelele walesisizwe. U-Israyeli wayengabantu abesaba uNkulunkulu owayesebugqilini e. . .kwabaseGibhithe. Futhi balishiya lelozwe lobugqila, bathatha uhambo oluya endaweni engcwele. Lalelani manje, ningehluleki ukuthola lokhu. Kwangathi uNkulunkulu angavula ukuqonda kwenu. Bashiya izwe labo *lokuvakashela indawo engcwele*, futhi beza ezweni labo lesithembiso, futhi baxosha abahlali, futhi bahlala ezweni. Ngabe kunjalo na?

105 Senza into efanayo. Sasingaphansi kobuKatolika, nobugqila be. . .futhi sasifuna ukuba ngabantu abesaba uNkulunkulu ababemthanda uNkulunkulu, futhi benenkululeko yenkolo, futhi safika kulesisizwe, saxosha abahlali, futhi salidla izwe.

106 Inqobo nje uma. . .Ngenkathi u-Israyeli eqala ukuphuma, babenabaholi abesaba uNkulunkulu, uDavide, uSolomoni, baletha inhlonipho. Ngani, u-Israyeli wayaziwa emhlabeni wonke jikelele, kuzo zonke izizwe, futhi zonke zazibahlonipha. Lokho kwakhombisa ukuthi uNkulunkulu wayengenzani ngesigejane sabesilisa nabesifazane ababeMesaba, futhi baphila ngokumesaba uNkulunkulu phambi kwaKhe.

107 Njengoba ngishumayele ebusukwini obumbalwa obedlule, ngisho nendlovukazi yaseningizimu iza yonke indlela inqamula uGwadule iSahara, igibele ikameli izinyanga ezintathu, ukuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni. Umhlaba wonke wababuka.

108 Futhi ngenkathi lesisizwe sisungulwa, sasinamadoda amesabayo uNkulunkulu asisungula, uGeorge Washington, u-Abraham Lincoln. IValley Forge, ngenkathi, wakhuleka ubusuku bonke, lowomholi, nezinhlamvu zedlula ebhantshini lakhe ngosuku olulandelayo, ngaphandle kokuphosa-. . . ngaphandle kokumshaya! U-Abraham Lincoln, indoda emesabayo uNkulunkulu!

109 Senzeni ezinsukwini ezimbalwa ezedlule na? Senze into efanayo eyenziwa ngu-Israyeli, sakhetha u-Ahabi e—eHlala Mongameli. Manje, u-Ahabi wayewuhlobo olukahle impela lomfo. Wayefuna ukuphenduka, kodwa uJezebeli, wayeshade naye, futhi akakwazanga ukukwenza, wayeyintamo eyaphendula ikhanda. Nathi senza into efanayo, sabeka indoda phezulu lapho eshade naleyonqubo kaJezibele esibalekela kuyo, futhi sibe yisizwe esikhululekile kuso. O, nina bosopolitiki, enithengise ngobuzibulo benu bobuKristu! Ngizoma kulokho. Asibuyele emuva. UNkulunkulu ukwethembisile futhi

uNkulunkulu wathi kuyokwenzeka, iSambulo 13, ngakho ayikho indlela yokukuzungeza, Ngifuna nje nazi ukuthi umi kuphi, lokho owakwenza.

110 Nabanye babantu bami abangamakhaladi ayigugu abavotela ithikithi elinjalo, ngani, nilethe ihlazo egazini lika-Abraham Lincoln owasusa ibhande lobugqila koyihlo! Kunjalo impela. Bengingeke ngicabange ukuthi beniyokwenza. He, anazi ukuthi nenzeni na? Kungani nithengise a—amadola ambalwa engeziwe, unkulunkulu wesisu esikhundleni sikaNkulunkulu wenhliziyo na? Yilokho izizwe eziye kukho, ngamadola ambalwa engeziwe.

111 Yileyo indaba ngo-Ahabi. Kodwa, mfowethu, babenomprofethi oyedwa omdala ezansi lapho ongaxegisanga ngabo, wabaqhumisa. Zonke izinhlangano zamkhahlela zamkhipha, zamzonda, kodwa impela wazitshela okwakulungile. Futhi lapho eseqedile ukuqhumisa lowoJezibele omdala ozipendile, mayelana nalabo besifazane, indlela ababeziphatha ngayo, bonke babemzonda. Kodwa ngoluny'usuku uNkulunkulu wathi, "Ushumayele isikhathi eside ngokwenele, phumela lapho ehlane, manje Ngizothumela ukwahlulela." Futhi kwenza, Wakwenza.

112 O, ngehora esiphila kulo, bangane, kodwa yinye iNto eqinisekile, iNto eyodwa eqinisekile, lapho sibona isizwe sakithi sesihambile, sibona izwe lingasekho, yinye iNto eqinisekile Phakade, nalelo yiZwi likaNkulunkulu, Lokho uNkulunkulu akusho, uNkulunkulu uzoligcina iZwi lakhe.

Ake sithathe nje abalingiswa abambalwa engibabhalile esiqeshini sephepha lapha, engithanda ukubhekisela kubo, abalingiswa abambalwa ababeqinisekile.

113 Futhi ungaqiniseka . . . Ungeke waqiniseka ngeZwi likaNkulunkulu uma nje uLifunda, uNkulunkulu uzofanele akhulume ngeZwi kuwe.

114 Manje, uNowa, uNowa wayeqiniseke impela nje ukuthi lalizokuna njengoba lalingaba njalo, wayeqinisekile ngalo. Kwakungekho-zwi elingaqondakaliyo ngenkathi uNkulunkulu ethi, "Nowa, yakha indlu, e, umkhumbi ukulungiselela ukusindiswa kwabendlu yakho." Lelo kwakungesilo izwi elingaqondakaliyo. Kwakubonakala sengathi kubantu kwakungaqondakali ngenkathi enye indoda yasendle, umlimi, wayenomqondo othize owubuwula ekhanda lakhe ukuthi wayezokwakha emkhunjini, futhi alizange line, noma amazolo ayengakaze awe evela ezulwini, kumbe noma yini.

Ngiyabezwa abagxeki bethi, "Awusho, Mnu. Nowa, ngitshele, imvula ivelaphi na?"

Awu, uNowa angahle ukuba washo into enjengale: "Ngiqinisekile ukuthi Lelo kwakuyiPhimbo likaNkulunkulu uSomandla."

"Awu, iza kanjani imvula na?"

115 "Uma lelo kwakuyiPhimbo likaNkulunkulu lathi iyeza, uNkulunkulu uyakwazi ukuyibeka phezulu lapho ukuba iwele phansi." Wayeqinisekile ukuthi lalizokuna, ngoba iZwi likaNkulunkulu lasho njalo, laliqinisekile, futhi wayazi ukuthi laliqinisekile.

116 Njengoba ngiqale ukukhuluma kulokhu ukusa ngenkathi ngiphazanyiswa ukudingeka ngihambe, uMose, wayeyindoda enkulu yezempi, sitshelwa ngosomlando, futhi wazama phakathi kwakhe uqobo, azi ukuthi wayebizelwe enkonzweni. Manje, bazalwane, lesi yisifundo sethu sonke. Wayazi ukuthi wayenobizo enkonzweni; siyakwazi lokho qobo lwethu, kodwa ake sibhekisise ukuthi senzani ngakho.

117 UMose wayazi, unina wayemfundise, ukuthi wayezoba ngumkhululi. Wazalwa engumntwana okahle, nokuthi wakhuliswa kanjani ngunina, futhi wakhuliswa ngqo ngaphansi kwesitebhisi somnyango kaFaro, futhi ngempela wayenonyawo lwakhe esihlalweni sobukhosi. Wayazi ukuthi wayezoba ngumkhululi kaNkulunkulu, kodwa wazama ukukwenza ngenqubo yakhe uqobo.

118 Futhi siyazi singabefundisi, ukuthi uNkulunkulu usibizile, kodwa masingazami ukukwenza ngokubona ukuthi bangaki esibathola ezinhlanganweni zethu, uma sikwenza, sizokwenza iphutha elifanayo abalenza. Asilandele uMoya, masihambe noNkulunkulu.

119 UMose waye, mhlawumbe, akazange ezwe iPhimbo likaNkulunkulu, kodwa wayazi ngobuhlakani, wayazi ngomuzwa ongaphakathi kuye, ukuthi wayengumkhululi, kodwa wazama ukukwenza futhi wehluleka, ngakho wathi, "Mhlawumbe ngenze iphutha."

120 Kungahle kube nabashumayeli abahlezi phandle lapha ngendlela efanayo, abacabange ukuthi wenze iphutha, ngenkathi uthola ukwehluleka kwakho, awuzange nje ulinde isikhathi eside ngokwenele. IBhayibheli lathi, "Labo abalinda eNkosini bayothola amandla amasha, bakhuphuke ngamaphiko njengokhozi."

121 UMose wacabanga ukuthi mhlawumbe wayegeje ubizo lwakhe, kodwa ngoluny'usuku ngenkathi uNkulunkulu ekhuluma naye ubuso nobuso, futhi wezwa iZwi likaNkulunkulu, iNgelosi yami yakhuluma kuye, futhi kuvumelana neZwi, ngenkathi ebona ukuthi iPhimbo elakhuluma kuye laliyinto efanayo iZwi elaliyithembisile, khona-ke wayenokukholwa, futhi wayeqinisekile ukuthi wayehlela lapho. Wayeqinisekile ukuthi u-Israyeli wayezophuma ngaphansi kobugqila, ngoba uNkulunkulu wenza isithembiso, kwakuyisithembiso sangokomBhalo. NePhimbo lakhuluma kuMose, lase lithi, "Ngikuzwile ukukhala kwabantu

bami, futhi ngisikhumbule isivumelwano sami no-Abrahama, u-Isaka, noJakobe, futhi Ngiyakuthuma ezansi ukubakhulula."

122 Niyazi lapho umuntu ngempela elandela iZwi likaNkulunkulu, ngezinye izikhathi wenza ubuwula ezweni. Ungathini nje ikhehla lakha umkhumbi, limi lapho lakha umkhumbi na? Kwakuwubuwula ezweni.

123 Futhi njengoba ngishilo, ikhehla manje, lapha, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, kwakubukeka sengathi uma uNkulunkulu wayezomsebenzisa, Wayeyomsebenzisa ngenkathi esencane, umfana onekhanda elisongekile, noma ngenkathi nje okokwedlula konke kwakhe emfundweni yakhe. Kuthatha iminyaka engamashumi amane ukushaya lokho kuphume kuye, ukuze Amsebenzise, kuthathe iminyaka engamashumi amane ukukhipha kuye lokho uFaro, nemfundo yakhe, ayekufake kuye.

124 Kuthathe iminyaka emithathu ukuba uNkulunkulu akukhiphe kuPawulu, ezansi e-Arabiya, ukumbuyisela kuNkulunkulu, wambuyisela eZwini, kukho konke . . . kukho konke okukhulu, kukuhle njengoba kwakunjalo, isayense yezenkolo ayifunda ngoGamaliyeli.

Futhi emuhle njengoba isayense yakhe yezenkolo yayinjalo, ukuthi yena, uMose, wafunda kuFaro, nokho, kuthathe uNkulunkulu iminyaka engamashumi amane ukukukhipha konke kuye.

125 Ngokunye ukusa ngenkathi uNkulunkulu ekhuluma kuye, ngokusa okulandelayo uba yindoda yasendle kubantu. UNkulunkulu makakhulume kunoma ubani, futhi emehlweni ezwe bayahlanya. Futhi angiqondile u—uhlanya, ngiqonde owesilisa oqinile noma owesifazane oza kuNkulunkulu, Ukhipha ubuhlanya kuwe.

126 Manje, sithola ukuthi uMose, ngokusa okulandelayo, wayelapha, nomkakhe ehlezi phezu komnyuzi, nomfana wakhe omncane, uGereshomi, enqulwini yakhe, nenduku endala egwegwile esandleni sakhe, lapha wayehla ngomgwaqo oya eGibhithe ukuyolidla. Njengoba ngishilo "ukuhlasela komuntu oyedwa" ehla ukuyolidla.

"Uyaphi, Mose na?"

"Ngehlela eGibhithe."

"Uzokwenzani na?"

"Ngiyolidla."

"Uzokwenza ngani na?"

"Lenduku."

"Ubani osho njalo na?"

127 "UNkulunkulu wakwenza." Amen, lokho kuyakuxazulula. Wayeqinisekile nje kulokho ngakho konke, ngaleyonduku

endala eyomile. Kodwa lenduku endala eyomile esezandleni zikaNkulunkulu, isho ngaphezu kwazo zonke izibhamu ezingomshini-gani ezingabhekiselwa kuwe. Yebo. Oyedwa omncane, ongazi, umfana ongafundile phandle lapho ezandleni zikaNkulunkulu, engenamfundo eyenele ukwazi o-ABC bakhe, wayengakhipha amanye amandla kaNkulunkulu eZulwini, kunabo bonke odokotela besayense yezenkolo okhona kule-United States . . .?. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

128 . . . ekhohlwa yiyo yonke isayense yakhe yezenkolo. Wayengadingekile ukuba apholishe lutho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . Nkulunkulu. Futhi wayeqinisekile ukuthi kwakunguNkulunkulu. Wayeqinisekile ukuthi wayezobakhulula. Uzobaphakela kanjani abantu abayizigidi ezimbili nengxenye ngaphandle kokuluma na? Isigejane sezigqila phandle lapho ehlane, uzokwenza kanjani na? Wayeqinisekile ukuthi uNkulunkulu wayezokwenza okuthile ngakho.

129 "Mfowethu Branham, lapho ushumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, kunabantu abasenkathazweni yenhliziyo, lokhu . . . Uzo—uzokwenza kanjani kusebenze na?" Angikwenzi . . . akusiwo umsebenzi wami ukukwenza kusebenze, lowo ngumsebenzi kaNkulunkulu ukwenza lokho. Kodwa ngokuqinisekile nje njengoba ngazi iZwi laKhe liqinisile, Wathumela leyoNgelosi futhi yasho njalo, futhi ndawondawo phakathi lapha, omunye umuntu uzophulukiswa, Ngiqinisekile nje ngalokho njengoba ngimi lapha. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kukhona okuzovela, ngoba Washo njalo. Angazi ukuthi ubani, ukuthi kukuphi, kodwa kuzoba lapho. Ubani na? Angazi, akusiwo umsebenzi wami ukuthi ubani.

Othile uzosindiswa. "Wazi kanjani na?" UNkulunkulu usho njalo, ngiqinisekile ngakho, ngiqinisekile ngakho.

"Awu, Mfowethu Branham, ube nomzabalazo omubi kabi, ngicabange ukuthi uthe iNkosi ikuholele ngapha." Yakwenza.

130 "Ucabanga ukuthi yini enhle ezophuma kukho na?" Angazi, kodwa ngiqinisekile ukuthi Wangithumela lapha, Ngiqinisekile ukuthi Wenza okuthile, angazi ukuthi kuyini, kodwa ngiqinisekile ukuthi Uyakwenza, ngoba yiZwi laKhe. Akukho-kuqagela, ngiyazi ukuthi kuyiqiniso.

131 Ngenkathi u-Abrahama, indoda eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, nomkakhe enamashumi ayisithupha-nanhlanu, uNkulunkulu wahlangana naye ngoluny'usuku, wayesethi, "Abrahama, Ngizokunika i—ingane ngomkakho, uSara," wayeyinyumba, futhi yena engazali, ngiyacabanga, futhi nampa babelapha, emva kwayo yonke leminyaka, awu, uma uNkulunkulu . . . Awu, u-Abrahama wayeqinisekile nje ukuthi wayezoba naleyongane njenganoma yini.

132 Sengathi ngiyambona ethi, "USara, waluka isigejane samabhuzu amancane, futhi ngizitholele ingubo emagqabhagqabha nophini bamanabukeni, futhi asiqale, Siyalungela, sizoba nayo." Awu, kuzwakala kungubuthutha.

Ukuba-ke wehlela kudokotela, wayesethi, "Dokotela, unkosikazi nami si, sifuna ukwenza amalungiselelo esibhedlela ukuba sibe nengane"?

133 Udokotela ubeyothi, "O, o, impela, Mnu. Abrama. Yebo, mnumzane. E-hhe." Uthi, "Awusho, ungaphenduka . . . ungabiza isazi sezifo zengqondo, noma iwadi labagula ngengqondo, ndawondawo na? Lelokhehla liphambene ekhanda lalo." Kodwa wayeqinisekile ukuthi uNkulunkulu wayezokwenza.

Izinsuku zokuqala ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili, "Uzizwa unjani, s'thandwa na?"

"Akukho-mehluko."

"Udumo kuNkulunkulu, ngiqinisekile nje njengoba nganginjalo kuqala!"

Iminyaka emihlanu yedlula, "Uzizwa unjani, s'thandwa na?"

"Akukho nomncane umehluko. Sengineminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala manje."

Yebo, namashumi ayisishiyagalombili ka-Abrahama, lokho kwenza . . . "Ngiqiniseke nje njenganoma yini kuzokwenzeka."

Iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu yedlula, manje yena unamashumi ayisishiyagalolunye futhi yena unekhulu, "Uzizwa unjani, s'thandwa na?"

"Akukho kwehluka."

134 "Udumo kuNkulunkulu, sizoba nayo noma kanjani." Ngani na? Wayeqinisekile ukuthi uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Wayeqiniseke ngokugcwele ukuthi uNkulunkulu wayenamandla okwenza lokho Ayekwethembisile. Impela, wena uqinisekile lapho uNkulunkulu ekwembula kuwe.

135 Uma uNkulunkulu ebengembula kuleyontombazanyana ehlezi lapho, ibizohamba, Ngiyabheja udeveli ubengathumela onke amademoni anawo, aphume esihogweni, lokho bekungeke kukuvimbe. Leyondoda ehlezi lapho esihlalweni esinamasondo, noma ngabe ungubani, bekungeke kukumise. Qhabo, akukho lutho olungakumisa lapho uNkulunkulu esho njalo, lokho kwakuxazulula.

136 Lapho eFinland, ngenkathi lowomfanyana wayekade elele lapho emhlabathini lapho, efile:

137 Nginakho lokho okubhalwe phansi futhi kwasayinwa, kumenyezelwe ukuthi ufile, wahamba walanda umama nobaba, ngaphambi kokuba umngcwabi amthathe. Ngangilele lapho,

ngase ngehla, ngathi, "Lowo yilowomfana omncane engambona eminyakeni emibili edlule eMelika."

138 Nakho kumi abantu cishe abangamakhulu amahlanu, imeya yedolobha, ngathi kuNkk. Isaacson, "Kuhumushe lokhu." Wakwenza. Ngathi, "Uma leyongane ingavuki kulokho ofile . . . " Elele lapho efile, onke amathambo emzimbeni wakhe ephukile, wamsonga *kanjalo*, futhi wamphonsa ngaphandle, ngisho nezinyawo zakhe—zakhe ezincane nezinto kwakusemasokisini akhe, nezicathulo zakhe zisukile kuye, nayo yonke into. "Uma leyongane ingami ngezinyawo emizuzwini emihlanu kusukela manje, Ngingumprofethi wamanga nomqambimanga, futhi ngixosheni kulelizwe." Ngani na? Ngangiqinisekile ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu owangikhombisa umbono. Kufanele kube njalo, akukho lutho okungakumisa. Amen.

139 Ngalobobusuku eNdiya, phambi kwabo bonke labobantu, lapho oRaja emicamelweni yabo, namadoda angcwele ehlezi nxazonke, futhi ngangikade ngisethempelini lamaSikh namaJain ngalolosuku, futhi bahlekisa ngobuKristu, Bathi, "Wona impela umqondo," wathi, "kaKristu efa!" Lapho bengeke babulale ngisho izeze, bakolobhe iphansi lapho behamba, ukuba banganyatheli intuthwane, besaba ukuthi, bayakholelwa ekuzalweni kabusha, bacanga ukuthi kungahle kube ngezinye zezihlobo zabo, ungashumayela kanjani kubo ngomhlatshelo weGazi na?

140 Ngathi, "UNkulunkulu akakhulume, lowo nguNkulunkulu. Abanye bethu uzofanele abe nephutha." Ngacosha iKoran ngesinye isandla, iBhayibheli ngesinye, ngathi, "Kukhona okungalungile ndawondawo. Makuthi uNkulunkulu onguNkulunkulu wangempela akhulume." Haleluya!

141 Ngalesosikhathi baletha impumputhe phezulu lapho, ngathi, "Ngeke ngaphulukisa indoda, kusobala qha." Ngathi, "Igama layo lipelwa R-a-j-a-p-h-e-w," kanjalo.

"Kunjalo."

Ngathi, "Uyisinxibi. Umkakhe ngoncane, owesifazane ozacile. Unabafana ababili, oyedwa wabo unesithupha, nomunye unesishiyagalombili."

"Kunjalo."

Ngimi phandle lapho nalologcobo, lawomaRaja ehlezi phandle lapho, nalawomadoda angcwele athi, "Ufunda umqondo wabo."

142 Ngacabanga, "O, labo bazenzisi!" Ngase ngibheka emuva, ngase ngacabanga, "Nkulunkulu, uma nje Uzokwenza okuthize!" Ngabuka emuva, nanku umbono, nango emi eqalaza, embonweni. O, mfowethu! Manje! Manje makwenzeke into ethize! Ngathi, "Ngiphosela inselelo wonke umpristi kaMohamede phakathi lapha, wonke umpristi kaBuda, nina

maSikh, namaJain ahlekisa ngobuKristu, nize lapha, futhi nimnike ukubona kwakhe. Impela uNkulunkulu owamdalayo, uma ni . . . ”

Wathi, “Ngizokhonza uNkulunkulu ongipha ukubona kwami.”

143 Ngathi, “O, kusobala, nithi unephutha, ungumkhonzi welanga, impela, ukhonza okudaliweyo esikhundleni soMdali.” Ngathi, “Beninga . . . Beningenzani nina maJain na? Beniyovele nje niphendukele kwenye inkolo, futhi nimenze umJain. Beniyokwenzani nina bakaMohamede na? Nenze into efanayo. Beniyokwenzani nina boBuda na? Into efanayo; isayense ephathelene nengqondo nje.

144 “Sinento efanayo eMelika.” Ngathi, “Onke amaMethodisti afuna ukwenza onke amaBaptisti, amaMethodisti, nePentecostal ifuna ukwenza onke amaMethodisti, iPentecostal, futhi nje yi— nje yisayenze ephathelene nengqondo nje. Yilokho kuphela.” Kodwa ngathi, “Impela, uNkulunkulu owamenza,” haleluya, “uNkulunkulu owamenza ubefanele enze okuthize ngakho.”

145 Awu, ucabanga ukuthi ngangiyokusho lokho na? Hhayi nhlobo, ukuba ngangingawubonanga lowombono. Ngangazi lapho . . . kwakuzokwenzekani ngaleyonkathi. Udeveli wayengeke enze lutho ngakho ngaleyonkathi.

146 Uma Wayengakhombisa umbono ukuthi uGeorge Washington wayezovuka kwabafileyo ekuseni, Bengingamema umhlaba wonke ukuba ume, ukubhekisise kwenziwa, ngokuba LiyiZwi likaNkulunkulu. Ngiyibonile leyomibono iminyaka engamashumi amahlanu-nambili, futhi akukho namunye owake wehluleka empilweni yami yonke. NguNkulunkulu! Akukho ukungaqondakali ngakho, kuqinisekile.

147 Ngathi, “Manje, nina bakaMohamede enithi niyinkolo ekhonyayo, woza umnike ukubona kwakhe, futhi ngizoba ngumfundi wakho. Nina boBuda, wozani nimnike ukubona kwakhe, futhi ngizoba ngumfundi wenu. Nina madoda angcwele, wozani nimnike ukubona kwakhe.” Amashumi ezinkulungwane aphindwe kazinkulungwane, elele kulawomasimu amakhulu kanjalo. Nakho kuhlezi imeya yedolobha, nginegama layo nekheli, uma nifuna ukuyibhalela, niyibuze.

148 Lapho bathi . . . Ngathi, “Kungani unga . . . ?” Ngathi, “Niyisixuku esithule du esibi kabi. Yini indaba ngani na? Beningitshela namhlanje ukuthi ubuKristu babuncane kangakanani, ukuthi inkolo yenu ibinkulu kangakanani.” Ngathi, “Bukani nina bantu laphaya, bukani abapristi benu. Yini indaba ngabo na? Bangibiza ngohlanya, umthengisi webhokisi lensipho waseMelika, ethengisa ngenkolo sengathi ngangisebhokisini lensipho, ngoba ngaxhawula izingalo zami ngenkathi uMoya oNgcwele wawuphezu kwami.” Ngathi,

"Mabeze ngaphambili-ke, futhi banike lendoda ukubona kwayo." Haleluya!

149 Ngibhekisisa lowombono, ngathi, "Awuzi ngani na? Ngoba ungeke. Nami ngeke, kodwa uNkulunkulu waseZulwini, Owavusa iNdodana yakhe, uKristu Jesu, onginike umbono manje nje, ukuthi ngibone ukuthi leyondoda yayimi lapha ibona, ngayibona embonweni, uma Engayiniki ukubona kwayo khona-ke ngingumprofethi wamanga, futhi ngixosheni eNdiya. Uma Enikeza ukubona kwayo, bangaki kini bakaMohamede, maBhuda, nani nonke, enizokwemukela uKristu njengoMsindisi wenu na?" Izandla ezimnyama nje ngangokubona kwakho.

150 Ngathi, "Mletheni lapha." Ngamgaxa, ngathi, "Nkosi Jesu," kungengaphezu kokuba ngisho lokho, uqala ukumpongoloza *into ethize—enye* ka*njalo*, wayekwazi ukubona kahle njengoba ngangibona. Wagijima wadumela imeya yedolobha, egijima ehla enyuka ka*njalo*. Kwakuyini na? NguNkulunkulu ofanayo. IZwi likaNkulunkulu liyilo ngempela nje kulobubusuku njengoba Lalilokhu linjalo. Ufakaze ngisho nakumongameli.

151 Kulo-Okthoba ozayo, banenkundla yemidlalo yeshashalazi engafaka abantu abayisigidi kuyo, eNew Deli, lapho benengqungquthela yabo, futhi befuna ukwenyuka.

152 Impela, UsenguNkulunkulu. Kodwa une...Ungeke nje wakusho ngoba ukucabanga engqondweni yakho, ufanele ukwazi, ufanele wazi. IZwi lizofanele lize kini, nifanele nazi ukuthi Liqinisile.

153 U-Eliya omdala ngalolosuku ngenkathi ethatha yonke leyomihlatshelo, wayesethi, "Asifakazise ukuthi ubani uNkulunkulu." Wathi, ubone ukuthi wayeqinisekile ngakho, wathi, "Nina—nina qhubekani kuqala." Wathi, "Ni—nina, naso sonke isigejane senu, kunamakhulu amane enu bapristi lapha," wathi, "yenzani umhlatshelo, futhi uNkulunkulu ophendula ngoMlilo, makabe nguNkulunkulu."

154 Futhi babeqotho, babengesibo abazenzisi. Wathi, banquma umhlatshelo, futhi bagibela e-altare, u-Eliya wahambahamba, wathi, "Awusho, mhlawumbe uyalandela. Angahle ukuba uthathe isihlwathi." Kwakuyini indaba na? Wayeqinisekile, mfowethu, wayebone umbono, washo njalo.

155 Futhi ngenkathi ethatha futhi wathela onke amanzi e-altare, wathi, "Nkosi Nkulunkulu ka-Abrahama, u-Isaka, no-Israyeli," igama lakhe lenkosana, hhayi—hhayi igama lakhe lomkhohlisi, "Abrahama, u-Isaka, no-Israyeli, makwazeke namuhla ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi ngingumprofethi waKho, futhi ngenze konke okwalokhu ngomyalo waKho." Amen. Haleluya! Lapho uhlangabezana nezimo zikaNkulunkulu, biza uMlilo, futhi uzokwehla. Kunjalo.

156 Makuthi ibandla lePentecostal likhohlwe umehluko wehlelo lenhlangano yabo, dedela lababantu baziphonse

ezinyembezini ngase-altare, futhi makuthi lababantu beze nganhliziyonye, endaweni eyodwa, futhi baqale ukukhala kakhulu kuNkulunkulu, futhi balungise izinto, kuyobakhona enye iPhentekoste eyenzekayo, namandla kaNkulunkulu ayozamazamisa isizwe.

157 Kodwa ufanele ukwenze ngokuyala kwaKhe. Ungeke wakwenza inqobo nje uma usho, "Awu, ngiyazi ngi—ngifanele ukukholwa *lokhu*, kodwa ngempela, iBhayibheli lisho *lokhu*, kodwa ngi..." A, e-e. U...Usuvele—usuvele ubhaxabuliwe kwasekuqaleni. Niyabo? Niyabo? "Awu, ngiyazi ibandla lethu lithi izinsuku zezimangaliso selwedlule, kodwa ngempela, ngikholwa ukuthi azinjalo." Niyabo? Uyabhaxabulwa, awusoze wafika ndawo kanjalo. Lelo yizwi elingaqondakaliyo, awazi ukuthi uzokwenzenjani.

158 Qiniseka. Izwi likabani eliqinisekile na? ElikaNkulunkulu. Uma ibandla lakho lithi izinsuku zezimangaliso selwedlule, iBhayibheli lathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Onke amazwi omuntu awabe ngamanga, nawaMi abe yiqiniso," kwasho uNkulunkulu.

159 Lelozwi aliqondakali, "Xhawula umshumayeli, mnike isandla sokunene senhlanganyelo, futhi uze wenze ukuvuma." Udeveli wenza into efanayo, wayekholwa ukuthi uJesu Kristu wayeyiNdodana kaNkulunkulu, wakwenza ngokoqobo.

160 UKayini wakha i-altare, futhi wakhonza kakhulu impela nje njengoba kwenza noma yimuphi omunye umuntu okholwayo, wenza umhlatshelo, futhi wenza omkhulu...wabeka imali yakhe e-altare, izimpahla zakhe, futhi—futhi walala phansi ngobuqotho, wayesephakamisela izandla zakhe kuNkulunkulu futhi wakhonza. UNkulunkulu wamenqaba ngokusobala. Kunjalo. Nifanele niqiniseke, bazalwane, nifanele nazi ukuthi nguNkulunkulu okhulumayo. Wakwenza lokho ngemibono yakhe uqobo, u-Abela wakwenza ngesambulo sobuNkulunkulu sikaNkulunkulu, walalela iZwi likaNkulunkulu. Kodwa lapho yonke into isilungile...

161 UDavide, wayeqinisekile. Wenyukela lapho ngoluny'usuku, nalowo omdala omkhulu,' uGoliyati emi phandle lapho, ethi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule, konke sekuhambile. Makuthi abanye benu..." O, lapho udeveli ecabanga ukuthi unonqenqema kuwe, mfowethu, angaphephetha futhi aphafuze. Yebo, angakwenza. Emi phandle lapho, wathi, "Ngizokutshela, makuthi abanye benu madoda laphaya, abanye benu bosiyazi bezenkolo, beze futhi bangihlasele. Niyabo, ngizonitshela ukuthi ngizokwenzani!" niyazi.

162 Kodwa ngolunye usuku, wakusho ngesikhathi esingafanele, kwenzeka kwababakhona omncane, umfo obomvana, oyifindo, umfo omncanyanyana, ogqoke ijazi elincane lesikhumba semvu, ezisongile lapho, mhlawumbe cishe, esinda cishe amaphawondi

ayikhulu neshumi, izinwele zilenga emehlweni akhe, wathi, "Ubani lona laphaya, edelela izimpi ze—zeZwi likaNkulunkulu ophilayo na? Ubani lowo laphaya osho lokho na?"

"O, lowo nguGoliyati."

163 Wathi, "Nizoma futhi nivumele lelohlelo elingasokile lisho ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule, ngenkathi uNkulunkulu wethu ethi Unguye izolo, namuhla, naphakade na?" O, kwashaya umfo ongafanele. Yebo, mnumzane. Bangahle baxegise, kodwa wathi, "Angikwenzi."

164 Bamdonsela phezulu phambi kombhishobhi, uSawulu, wathi, "Manje, ngiyakutshela ukuthi ufanele wenzeni, ndodana, ngaphambi kokuba ungene enkonzweni, uzodingeka uthathe iminyaka emine yokuqeqeshwa ekolishi, uzofanele uthole i Ph.D. neLL.D." Futhi wathi, "Emva kokuba sengithole konke lokhu kuwe. . . " Futhi bakugqokisa lowo ompofu, umfo omncane, wayemathambo, wayengakwazi ukukuphakamisa; lokho kuthi nje akube ngendlela esihamba ngayo.

165 Wathi, "Susani lezizinto kimi!" USawulu wathola, ngokukhulu ukushesha, ukuthi ivesti yakhe yobufundisi yayingayeneli indoda kaNkulunkulu. Imibhedesho yakhe eyenziwe ngumuntu, yayingakhothameli kuyo. Qhabo, mnumzane. Wathi, "Mangihambe nalokho engikwethembayo."

166 Wathi, "Awume kancane, Sawulu, ngifuna ukukhuluma nawe. Ngiyazi ukuthi lena yindwayimane nje, angazi lutho ngalokho okudala. . . ukuthi ufanele ukuma kanjani, futhi uthi, '*A-men*,' nokuthi ufanele ukwenze kanjani konke *lokhu*, futhi angazi lutho ngalokho." Wathi—wathi "Lalela, ngiyazi ukuthi—ukuthi ngikhuluma ngani."

167 Wathi, "Ngelinye ilanga ngangeluse izimvu zikababa wami," amen, wayesethi, "ibhere liyangena lase lithatha eyodwa, ngalilandela ngalendwayimane, ngase ngiyibuyisa." Wathi, "Kwase kungena ingonyama yase ithatha eyodwa, yase ilikhipha, iwundlu." Wathi, "Ngathatha lendwayimane, ngase ngiphuma ngayishaya ngayilahla phansi, ngenkathi ivuka, ngayibulala, ngabuyisa imvu." Wathi, "Uma uNkulunkulu Owanikela lelongonyama ezandleni zami, nalelobhere ezandleni zami, Uyomnikela kakhulu kangakanani lowomFilisti ongasokile ezandleni zami!" Amen. Wayeqinisekile ukuthi wayazi ukuthi wayekhuluma ngani.

168 Lalelani, yiqiniso, ngisho abami o *bakhe*, futhi *hain't*, futhi *tote*, futhi *landa*, futhi *thwala*, futhi mhlawumbe indoda eningi lapha, nomelusi wenu, angahle angabi nayo i Ph., uL. ophindwe kabili, iQ.U.R.S.D., zonke izinhlobo zezinto egameni lakhe, kodwa siyazi ukuthi sikhuluma ngani. Kunjalo. Singahle sibizwe nga*bagingqiki abangcwele*, no*hlanyayo*, na*bobonke abaxhuxhumayo*, nayo yonke into, kodwa siyazi ukuthi sikhuluma ngani. Amen.

169 Ake nginitshele, udeveli, angikhathali ukuthi bashumayela kangakanani ngokumelene nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ukuthi basho kangakanani ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule, ngelusa izimvu zikaBaba wami, umdlavuza wathatha eyodwa futhi wabaleka, angina Ph.D., kodwa nginoku k-h-o-l-w-a, ngakho ngiyamlandela. Ngizolibuyisa lelowundlu uma uNkulunkulu ezongisiza, ngizolibuyisela emuva. Haleluya!

170 Bhekisisani ukuthi wenzeni, wacosha amatshe amahlanu, isibalo somusa, u-J-e-s-u, walibeka esandleni sakhe, k-h-o-l-w-a, k-h-o-l-w-a u J-e-s-u, nangu eza. O, encane, imvu egulayo, wena udeveli akuthwale ndawondawo, futhi wena athi ufanele ugcwalise ithuna ngaphambi kwesikhathi, ngiyeza emva kwakho! Ngizokubuyisela emadlelweni anomthunzi, amadlelo aluhlaza, amanzi amile, udle nawo wonke umhlambi.

171 O, yebo, wayazi ukuthi wayekhuluma ngani, wayeqinisekile ukuthi kwakunguNkulunkulu, wayeqinisekile. Akukho ukungaqondakali ngalokho. Wathi, "Uyomnikela kakhulu kangakanani uNkulunkulu ezandleni zami!"

172 O, bantu, ngithetheleleni, bengicabanga ukuthi bekugamenxe elesikhombisa. Nginike eminye imizuzu eyishumi, ninganginika na? Ngizobhekisisa, ngizocupha iwashi lami, uma kunesidingo, uma nje nizo...Ngine-alamu lapha empeleni, kodwa nginamahloni ukulicupha. Kodwa, mfowethu, dadewethu, lokhu kuyiqiniso. Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo...

173 Qaphelani, ngenkathi...Asithathe omunye umuntu nje ngokukhulu ukusheshа. Ngenkathi, uSimeyoni, kwembulwa kuye nguMoya oNgcwele ukuthi wayengezukubona ukufa aze abone uKristu weNkosi, wayeyindoda enodumo, wayene Ph.D., oL. abaphindwe kabili no D., i Q.R.S.T., futhi, kodwa uMoya oNgcwele wembula kuye, futhi wayengenamahloni, wahambahamba etshela wonke umuntu, ikhehla elingaphezu kweminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala.

Bahlekisa, bathi, "Umfo omdala enonyawo olulodwa ethuneni, futhi eshelela ngolunye, wathi uzobona uKristu!"

174 Kodwa waba, wayeqinisekile, wayenelungelo lobufakazi bakhe, washo ngoba uMoya oNgcwele wakwembula kuye. Amen. Wama lapho, futhi waMbona, naye.

175 Ngenkathi uJesu esemhlabeni, uJesu wayeqinisekile ngeZwi likaYise, Wathi, "Dilizani lelithempeli, futhi Ngizolivusa ngezinsuku ezintathu." Hhayi ukuthi, "Ngizozama ukukwenza, mhlawumbe kuzokwenza, mhlampe kuzosebenza." Wayeqinisekile. Ngani na? UDavide washo njalo, "Angiyikuvuma ukuba ONgcwele waMi abone ukubola, aNgiyikushiya uMphefumulo waKhe esihogweni." Wayazi ukuthi ukubola kungena ezinsukwini ezintathu, ndawondawo

phakathi kwalezozinsuku ezintathu Uyovuka futhi, Walikholwa iZwi likaBaba. "Dilizani lelithempeli, futhi Ngiyakulivusa ngezinsuku ezintathu." "Ngizokwenza," hhayi, "ngizozama."

176 Ngenkathi uMarta eza kuYe, wayesethi—wathi, "Umfowethu—wethu uLazaru, Nkosi, ukuba Ubukhona, nga engafanga. Kepha nakalokhu, noma yini oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzokwenza."

177 Wathi, "NgingukuVuka, nokuPhila, kusho uNkulunkulu. Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa. Uyakholwa yilokhu na?"

178 Wathi, "Yebo, Nkosi." "A, ngi—ngi—ngicabanga kanjalo, Nkosi. Ngi—ngiqinisekile impela, kodwa bangitshela ukuthi UnguBelzabule nje, bangitshela ukuthi Ufunda izingqondo zabantu." Hhe-e, kwakungeke kwenzeke. "Yebo, Nkosi, ngiyakholwa," (Udumo kuNkulunkulu!) "Ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu eyayizakuza ezweni." O, o, kukhona okuzokwenzeka. Lalelani, lokho okuyikho, lokho okuyikho! Nxa kuhlangana iziphetho ezimbili eziqondile, kukhona okumele kwenzeke. O, yebo. O, impela kuyakwenza. Wathi, "Ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu eyayizakuza ezweni."

179 Wathini uJesu kuye na? Wathini na? "Awu, ngiyanitshela ukuthini, nimmbele kuphi na? Ngizokwehla, futhi ngizame futhi ngibone ukuthi Ngingenzani ngakho." E-a. "Ngizokwehla futhi ngicele uBaba futhi ngibone ukuthi Uzokwenzani." O, qhabo, e-e, Akakushongo lokho. Wathi, "Ngizohamba ngimvuse." Akukho lutho olungaqondakali ngalokho. "Ngizohamba ngimvuse." "Ngizokwenza," hhayi, "ngizohamba ngiyozama," "ngizokwenza." Wayazi ncamashi lokho uNkulunkulu ayeMkhombise khona, futhi Wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka. "Ngizohamba futhi ngiMvuse." Akukho-zwi elingaqondakaliyo kulokho, qhabo, mnumzane, akukho nokuncane ukungaqondakali ngalokho.

180 O, "Bhubhisa lomzimba, Ngizowuvusa ngezinsuku ezintathu." UJesu wathi, "Uma Ngi . . . Uma nikiMi, neZwi laMi likini, ningacela enikuthandayo, futhi niyokwenzelwa khona."

"Khona—khona mhlawumbe kuzokwenziwa kuwe"?

Qhabo, qhabo, akukho ukungaqondakali ngalokho. "Ngizokwenza. Kuzokwenziwa. Kuyakwenziwa." Ngabe kunjalo na?

181 Ngenkathi Ebuka lowomkhiwane futhi wawuqalekisa, futhi emahoreni angamashumi amabili-nane kamuva Uyadlula, futhi wawubunile, UPetru wathi, "Buka, umuthi usuvele uyabuna."

182 UJesu wathi, "Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Ngokuba ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi *kini*, uma *ni*," hhayi *Mina*, kodwa *nina*, amen, bazalwane, "uma *nina* nithi kulentaba," hhayi,

"uma ngithi," kodwa, "uma *nina* nithi kulentaba, 'Nqukuleka, futhi usishulwe uphonseke olwandle,' futhi ungayikungabaza, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuyokwenzeka, uyakuba nakho okucelayo." Amen. Hhayi ukuthi, "mhlawumbe uzo," hhayi, "mhlawumbe uzo," kodwa, "uzokwenza."

183 Indoda eyisoni, yapenda lesisithombe esimnyama lapha ekuqaleni kwentshumayelo yami, cishe ngehora esimi ngalo, ake nginicaphunele iZwi, cabangani ngalo, uJohane oNgcwele 5:24, isihlanu, isandla, idazini lamaqanda amabili, ulifunde lapho usuya ekhaya, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo . . ." Uma isizwe sakho sibhidlika, uma ikhaya lakho libhidlika, uma imizwa yakho ibhidlika, uma impilo yakho ibhidlika, uma amathemba akho ebhidlika, yonke into ibhidlika, kodwa uJesu Kristu washo lokhu: "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akayikuza ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Haleluya! Hhayi ukuthi, "Angahle," "Uyakukwenza, unakho," "Angakwenza esikhathini esizayo," kodwa, "Unakho manje." "Wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni," futhi uyaphila, khona manje.

184 *Wu*! Ngifisa sengathi ngabe bengiwusayizi wami ophindwe kabili, mhlawumbe bengingazizwa ngikahle ngokuphindwe kabili kanje; Bengizofanele ngibe ngusayizi wami ophindwe kabili ukukwenza. O Nkulunkulu, ngingake ngiKubonge kanjani na? Yebo, mnumzane.

185 Kuhle! Kwehle njalo eminyakeni aLikaze liguquke. LeloBandla elidadlana elalikukholwa lokho, leloZwi likaNkulunkulu, ligxambuze ngqo kukho konke ukuhlushwa, bazame ukuLigxoba balikhiphe, baLishise, baLizingele liphele, baLibulale nya, baLiminzise nya, futhi Liyagxambuza.

186 Esikhathini esithize esedlule, ngimi eSifanekisweni seNkululeko, isigejane semzwilili emncane, lowo, ulele ufile. Ngathi, "Yini indaba na?"

187 Wathi, "Kukhona isiphepho izolo ebusuku, nalokho kukhanya okukhulu bekukhanya kakhulu, nalezozinyoni ezincane bezilahlekile. Uma nje bezazi ukuthatha lokho kukhanya, beziyoqhubekela ekuphepheni." Kodwa wathi, "Bezizama ukwenzani na? Zigijimele phezulu lapha, futhi zazama ukucisha ukukhanya." Wathi, "Zenzani na? Zashaya ubuchopho bazo buphume zizama ukucima ukukhanya, ukukhanya obekungazisiza."

188 Nina abandayo, maPentecostal agcina umthetho ngegama; nina abandayo, maMethodisti agcina umthetho ngegama; nina abandayo, maBaptisti agcina umthetho ngegama; wena ongakholwayo, ozama ukushaya uKristu aphume esizweni, uzama ukubeka imfundo nesayense esikhundleni sikaMoya oNgcwele, uyoshaya ubuchopho bakho buphume, nokuKhanya

kuyobe kusalokhu kukhanya, kuqhubeke, kuqhubeke, kuqhubeke. Yena uzoba neBandla eligcwaliswe ngoMoya oNgcwele Azolizela, futhi Uzophila futhi abuse kuLo. Anisoze naLishaya liphume, nishaya nje nikhiphe ubuchopho benu, nitadisha zonke izinhlobo zezincwadi ezenziwe ngumuntu nemibhedesho, thatha iZwi likaNkulunkulu futhi uLifunde, futhi uthi Liyiqiniso, futhi uLemukele. Impela.

189 "Okholwa yiMi," uJohane oNgcwele 14:7, "Okholwa yiMi imisebenzi eNgiyenzayo, mhlawumbe naye uyakwenza okufanayo." Lokho bekungeke kuqiniseke *kakhulu*, bekungeke na? Kodwa, "uyakwenza, uyakwenza imisebenzi efanayo engiyenzayo Mina, neminingi kunalo, ngoba Mina ngiya kuBaba waMi." Akukho okungaqondakali ngakho, kuqinisile.

Wena uthi, "Kodwa, Mfowethu Branham, ngi—ngijoyine onke amabandla."

190 NgoSuku lwePhentekoste, njengoba ngishilo izolo ebusuku ngoDokotela uSimoni Petru, uPetru wathi, "Phendukani yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, khona ni*ya*kwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele." Hhayi ukuthi, "wena, mhlawumbe, uzo, mhlampe, uzo," kodwa "uyakwemukela iSipho, uMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesalesisizukulwane, futhi yilokho kuphela"? O, qhabo. "Kini, nakubantwana benu, nakubo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Hhayi ukuthi, "mhlawumbe," kodwa "bonke iNkosi uNkulunkulu ebabizayo, niyakwamukela uMoya oNgcwele."

191 Inkathazo yakho, ufuna ukuxhawula futhi ufafaze, esikhundleni sokuphenduka futhi ubhaphathizwe. *Phenduka* kusho ukuthi, "guquka." Shiya ukungakholwa kwakho ngemuva, qala ukhuphuke umgwaqo ukholwa uNkulunkulu, ubheke ngaseKalvari. Phenduka, qala umgwaqo, futhi uzokwemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, uyakuwemukela.

192 Ngabe kunjalo, mfowethu na? Angiwucaphunanga ngokungesikho lowomBhalo, ngiwucaphunile na? NgiWubeka ngendlela nje Olotshwe ngayo. "Niyakwamukeliswa uMoya oNgcwele." "Niyakwa," hhayi "mhlawumbe, mhlampe nizokwenza, benifanele," kodwa, "niyakuWemukela. Awu, isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nakulabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Lokho kuqinisekile.

193 Manje, ungenyuke nje, bese uthi, "'Ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu,' bambe ikhanda lami, nokunyakazisa usawoti, uthele amaconsi ambalwa amanzi. Ngibuyela emuva, futhi ngithi, 'Ngiyilunga eligcwele manje,

nginesandla sokunene senhlanganyelo.'" Awusoze wathola uMoya oNgcwele, awunalutho, inqwaba yokudideka. Kunjalo.

194 Khipha ulimi lwakho, thatha ucwecwana oluncane olwenziwa ngumuntu othile, nompristi uphuza iwayini, uthi, "Ngathatha isidlo esingcwele, isidlo esingcwele sesidlo esingcwele," okusho ukuthi u*Moya oNgcwele*, uMoya oNgcwele awufikanga ngesinkwa esilucwecwana, Ufika njengenhlokomo evela eZulwini, njengokuvunguza komoya onamandla, owagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo. Kunjalo. Niyabo? Lokho akuqondakali. Angikwazi ukukufunda *lokho* eBhayibhelini. Kodwa lapho ngiWuzwa uvela eZulwini njengokuvunguza komoya onamandla, yilokho-ke. Kunjalo.

195 UJesu wathi, "Lindani phezulu lapho, eJerusalema manje. Ungaqali ukushumayela, unga. . . Angikhathali ukuthi unesipiliyoni esingakanani, nokuthi mangaki amakholiji owedlule kuwo, nokuthi usuthole iziqu zakho kude kangakanani, linda phezulu lapho *kuze kube*."

"Kuze kube njani na? Size sithole iZiqu zethu zobuCiko na?"

"Qhabo, mnumzane. Linda *kuze kube*."

"Izinsuku ezimbili na?"

196 "*Nize* nembathiswe amandla avela Phezulu. Bese kuthi-ke, futhi hhayi ngaphambili, niyoba ngofakazi baMi eJerusalema, eJudiya," naseBloomington, e-Illinois, nomaphi, emikhawulweni yomhlaba. Lelo yiVangeli.

197 Futhi ngakho, bathi, "Manje, sizokhuphuka futhi sibone ukuthi umbhishobhi uyenyuka yini." Yilokho esikwenzayo namhlanje. "O, sizothola uma umpristi esinika, e, esiqinisa." Lelo bekuyizwi elingaqondakaliyo, angazi lutho ngalokho, nginjengoDavide, "Khumulani lezozikhali ezindala kimi."

198 "Awu, uma uzoya esikoleni futhi ufunde," A—angazi lutho ngalokho futhi, niyabo, angazi lutho ngalokho. IBhayibheli alikhulumi lutho ngalokho, angikaze ngibone lutho eBhayibhelini ngalokho.

199 "Awu, manje lalelani, uma nizovuma ngezindebe zenu ukuthi uJesu unguKristu, futhi niMthathe, nemukele uMoya oNgcwele, ngoba ngomzuzu enikholwa ngawo ukuthi uJesu unguKristu, ninoMoya oNgcwele." Lelo yizwi elingaqondakaliyo. Kunjalo.

200 UPawulu wathi, emva kokuba esebone abantu ngisho ukuthi wayesindisiwe, futhi bememeza futhi begxuma phansi-phezulu, wathi, "Namamukela yini uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?" IZenzo 19:5. O, yebo, wakwenza. Futhi wathi, "Uma iNgelosi evela eZulwini," kungasaphathwa umshumayeli, "uma iNgelosi evela eZulwini, ishumayela noma yiliphi elinye iVangeli kini kunaleli esengivele ngilishumayelile, mayibe ngeqalekisiweyo." Akukho-zwi elingaqondakaliyo ngalokho, lelo yiBhayibheli, impela.

201 Futhi lapho bonke babephezulu lapho endaweni eyodwa, futhi benhliziyonye, futhi ngokuzumayo kwafika, hhayi izwi elingaqondakaliyo, qhabo, kepha kwezwakala izwi eliqondakalayo, futhi lagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo, iziLimi ezehlukene zahlala phezu kwabo ukugcwalisa isiprofetho sika-Isaya 28:19, ukuthi uMoya oNgcwele wahlala phezu kwabo, bonke baqala ukukhuluma ngezilimi njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela.

202 Umzuzwana nje. AmaHeberu 13:8 athi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." "Unguye ingxenye izolo, namuhla, naphakade"? U*ya*fana, akukho ukungaqondakali ngalokho.

203 Sengivala ngingasho lokhu, nginigcina isikhathi eside kakhulu, ngiyazi ngiyakwenza, kodwa o, nina makhanda anobuthongo ndini enifanele niphume futhi. . . Ngenkathi babevame ukukhuleka ubusuku bonke futhi. . . Kunzima kakhulu manje. Ngicela ningacabangi ukuthi ngiyanilimaza, ngilandela nje lokho Athi ngitshele khona, ngoba angazi ukuthi ngithini, Anginaso isibindi esenele ukukusho, kodwa nje nginesibindi esanele ukusho Akushoyo, bese kuthi-ke kukini.

204 Bukani, bangaki abake bezwa ngoPaul Rader na? Wabhala leliculo elidumile, *Kholwa Kuphela*. UPaul wayengumfowethu oyisimangaliso, ngangimazi. Wayevamise ukuba ngumuntu wezinkuni, wayevame ukugawula izinkuni.

205 Futhi wathi, ngesinye isikhathi ngenkathi esemasimini ezithunywa zenkolo, wagula, ngikholwa ukuthi wayenemfiva emnyama, noma okuthize. Yena nomkakhe wayesezansi eziqhingini, futhi babekude le kodokotela nakho konke. Futhi uPaul, noma ubani wayemazi uPaul, wayazi ukuthi wayeyikholwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Ngakhoke. . .

206 Ngizobe ngishumayela ngasetabernakele lakhe evikini emva kwelizayo. Empeleni, ngizobe ngishumayela ngokulandelayo, iviki emva kwelizayo, emaphethelweni edolobha ase—seBloomington, amaphethelo edolobha, eChicago, niyabo, aseBloomington, ngakho wozani ngapho. Niyabo? Futhi ngakhoke. . . Khumbulani, ungabatsheli abantu baseChicago lokho nokho, Angazi noma bayokumela lokho noma qha, kodwa noma kanjani, ngizoba laphaya, iNkosi ithanda.

207 Futhi khona-ke uPaul Rader, wathi wagula ngempela, wayelokhu egula kakhulu, egula kakhulu, egula kakhulu. Futhi kwaba mnyama ekamelweni. Wathi, "Nkosikazi, sondela." Wathi, "S'thandwa, ngingahle ngihambe manje." Wathi, "Yima eceleni kombhede wami, ungikhulekele."

208 Kwakulokhu kuya ngokuba-mnyama ngokuba-mnyama, wayelokhu evuma, "Nkulunkulu, UnguMphulukisi wami." Kuba mnyama, futhi kuba mnyama, kuba mnyama, kuba mnyama,

kuba mnyama, kuba mnyama, kwaqhubeka kuhamba. Emva kwesikhashana waphela nya.

209 Futhi waphupha, wathi wayecabanga ukuthi wayesebuyile, uvela e-Oregon, niyazi, wathi wayecabanga ukuthi wayesemuva lapho ecanda izinkuni. Nobasi wakhe, wayesemahlathini ezingodo, wathi, "Paul, yenyuka, futhi uwise isihlahla esithize esingamayintshi ayishumi nesishiyagalombili," noma isihlahla esingamayintshi ayishumi nane, noma into efana naleyo, "sehlisele lapha."

210 Wathi, "Kulungile." Wathi wenyukela egqumeni, ehogela lawo macembe eshoba amangalisayo, futhi nje enesikhathi esimnandi. Wathi wathatha . . . "Wawungayizwa leyombazo endala ecangcathwe kabili lapho ishona kulologodo oluthambile, niyazi." Uya ngasenyakatho kakhulu, kuya ngokubanda, kuthamba kangcono imithi yamapulangwe, kuya ngokushisa kakhulu, ngani, ugodo olunzima ngokwedlulele, ukwakheka okufanayo.

211 Ngakho manje-ke, wathi wayegawule isihlahla, wasilungisa ngokukhulu ukushesha. Wathi wahloma imbazo yakhe phansi kuso, wathi, "He," wayequkula lesosihlahla, niyazi, uPaul wayeyindoda enamandla, esinda kangcono, o, le ngaphezu kwamaphawondi angamakhulu amabili. Ngakho, wafinyelela phansi, wahlanganisa amadolo akhe, nemisipha yendoda isemhlane wakhe, nemilenze yakhe, kanjalonjalo, ngakho wafinyelela phansi, futhi, ukuze akwazi ukusicosha. Futhi lapho esesibamba, wadonsa, futhi wadonsa, futhi wadonsa, futhi akakwazanga nje ukusiphakamisa.

212 Wayebhajiwe, wayesethi, "Ngiphelelwe amandla ami, angikwazi nje ukuphakamisa lologodo. Ngani, ngiye ngazithwala eziphindwe kabili lowosayizi!" Futhi wazama futhi, futhi wabambana, futhi wabambana, futhi wabambana, waze wakhandleka nya nje. Niyabo, kwakuyileyo—leyomfiva. Wathi waphela amandla kakhulu, waze nje wahlalala phansi wancika esihlahleni, wayesethi, "Ngi, angikwazi nje ukuqhubekela phambili, sengihambile nje, angikwazi ukuqhubekela phambili."

Futhi wathi ngqo wezwa iPhimbo laKhe, uBasi wakhe, iPhimbo loBasi wakhe, "Paul?"

Wayesethi, "Yebo, Basi?" Wathi, "*Lokho kuzwakala kumnandi kabi*."

Wathi, "Ulwelani nalo na?"

Ngakho waphenduka, Wathi kwakungesuye ubasi wakhe, uBasi wakhe *wangempela*.

213 Wathi, "Paul, ubambana nalo nje, futhi ubambana nalo, futhi ubambana nalo." Wathi, "Uyawubona lowomfudlana wamanzi ulele khona lapho na?"

Wathi, "Yebo."

214 Wathi, "Lowomfudlana wamanzi wehlela ngqo ekamu." Wathi, "Awuluphonsi ngani nje emfuleni, ugxumele kuyo, bese ugibela wehlele ekamu na?"

215 "O," wathi, "Angizange ngicabange ngalokho." Wathi wavele nje walufuqela ngale emanzini, wayesegxumela kulo. Washo phezu kwamagagasi wahamba, enesikhathi esikhulu nje esaphaza amanzi, ethi, "Ngilugibele! Ngilugibele!" Futhi lapho eseqonda, wayemi ngqo maphakathi nephansi lendlu, edazuluka, lonke iphimbo lakhe, ephulukiswe ngokuphelele, ethi, "Ngilugibele! Ngilugibele! Ngilugibele!"

216 IBhayibheli lathi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Ngilugibele! "UMoya oNgcwele ungowalowo othandayo." Ngilugibele! Ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyaphila kwabafileyo. Siphila ezinsukwini zokugcina, noJesu wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza okholwa yiMi," futhi wethembisa ngalolu izinsuku zokugcina, ukuthi lesosibonakaliso sobuMesiya siyobuyela eBandleni.

217 Bosiyazi bezenkolo, yehlukani uma nifuna, futhi ngizonikhomba ku-ISHO KANJE INKOSI, ubusuku nobusuku ngikwenzile. Kuthiwani ngakho na? NgiLigibele, iZwi likaNkulunkulu. Amen. Mm! Ngizwa kuthi angimemeze. NgiLugibele, iZwi likaNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi Lingowalowo othandayo, makeze. Niyabo?

218 Ngikholwa ukuthi Ukhona lapha manje. Ngikholwa ukuthi angisoze. . . Angikwazi . . . LawomaZwi, uma ungavumelani naWo, Avela kuNkulunkulu. Ngilugibele! SengiLigibele iminyaka engamashumi amathathu nanye, futhi inqobo nje uma iNkosi ingivumela ngiphile, futhi ngigcine ingqondo yami ekahle, ngomusa waYo, ngizoLigibela, ngize ngifike emfuleni waseJordani, ngizoluphosa phakathi, futhi ngigibele kuLo yonke indlela ngapesheya kwawo. Ngikholwa ukuthi lelo yiZwi likaNkulunkulu eliPhakade, futhi kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laKhe aliyikudlula. Amen. NgiLigibele.

219 Ngikholwa ukuthi lowo nguMoya oNgcwele ophakathi lapha manje, ngiyakholwa ukuthi lowo nguJesu Kristu. Ngikholwa ukuthi yiLowo ofanayo o—owabonakala kubo ngalobobusuku, njengokukhuluma ngezilimi kushilo kulobubusuku, noma, ukuhumusha, ngenkathi bevalelwa ngaphakathi, Wazibonakalisa Yena uqobo ephila.

220 Kukhona . . . ? Angi . . . UBilly akakhiphi amakhadi omkhuleko, ngiyakholwa, ngesinye isikhathi kuleliviki, ngikholwa ukuthi ushilo. Ngiyangabaza ukuthi ngabe likhona yini lapha noma qha, awadingi ngisho ukuba abe khona. Asidingi-khadi lomkhuleko, ikhadi lomkhuleko liyinombolo nje yokukuyisa emsamo. Awudingi ukuba ungene emsamo ukuze uthole uKristu, Ulapho ozohlangana naYe khona, khona

lapho ngqo, lapho okhona manje. Nginiphosela inselelo ukuba nithathe iZwi likaNkulunkulu futhi nigibele kuLo kanye, futhi nithole ukuthi Liqinisile yini. NiyaLikholwa na?

Bangaki abangenawo amakhadi omkhuleko na? Phakamisani izandla zenu. Uyagula na? Awu, ngiqagele kungokujwayelekile ndawo zonke.

221 Baba waseZulwini, o, indlela yami eluhlaza, Nkosi, A—angitholanga ithuba lokukhuluma ku, njengabefundisi bekhuluma ngalolu izinsuku zokugcina, uNkulunkulu. Angazi ukuthi kungani Ungangivumelanga ngibe nakho, kodwa ngifisa sengathi bengingenza lokho enginakho enhliziyweni yami, ukuba nje, ngikukhulume ngendlela yokuthi bayokuqonda. Ngiyacela, Nkosi, ngivumele ngomusa kaNkulunkulu enhliziyweni yami, ngifakazise kubo ukuthi into engizama ukubatshela yona iyiqiniso, noma kanjani, Baba. Ngikhulekela ukuthi Uzokwenza kanye futhi.

222 Ngi—ngicela Wena ukwenze, Nkosi, ukuze abantu bazi ukuthi uma Usho njalo, Kuyiqiniso, Nkulunkulu, Kufanele kube yiqiniso, futhi Akusilo izwi elingaqondakali. Uma Wavuka futhi, Washo ukuthi iBandla lakho liyoKubona, Ubuyoba nabo, futhi wenze, i—iBandla beliyokwenza into efanayo Owayenzayo, futhi Ubuyoba naBo njalo, ngisho nasekupheleni kwezwe. Nkulunkulu, ngimi kulokho, Wakufakazisa, Wathi Wawukhona, futhi ngiyazi Ulapha kulobubusuku.

223 Manje-ke, Nkulunkulu, thethelela ukuhayiza kwami, imizwa, isimo sokwethuka. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosithethelela izono zethu nokungakholwa kwethu, nokuthi Uzosihlalisa phansi kwamandla kaMoya oNgcwele. Futhi kwangathi abesilisa nabesifazane, omunye phakathi lapha kulobubusuku, Nkosi, abe nokukholwa okwenele ukuKubiza wehle eNkazimulweni. Futhi kwangathi ukugula kwabo nezinto kungaba ngendlela enjalo, noma ngabe kukhulu, noma ngabe akunjalo . . . Wena unguNkulunkulu, Wazi izinto zonke.

224 Uphulukise indoda ene, uhlobo oluthize lwesifo esithandelanayo, futhi washiya amakhulu ehlezi lapho esontekile, izinyonga, nezimpumputhe, futhi khona-ke Uyafika futhi waphulukisa abasontekile, izinyonga, nabaphuphuthekile. Wena unguNkulunkulu nje, Wenza lokho Ofuna ukukwenza.

225 Ngiyinceku yaKho, Nkosi, futhi lezi yizinceku zaKho ezihlezi lapha. Ukuze kukhuthaze ibandla, makwazeke, kulobubusuku, Nkosi. Asi . . . Sizovala iminyango yakho—yakho konke ukungakholwa futhi siKufake enhliziyweni yethu, njengoKleyophase, nabo, abavela e-Emawuse.

226 Ukhulume nabaningi balababantu, lamaMethodisti alungileyo, amaBaptisti, amaKatolika, iPresbyterian, amaPentecostal, mhlawumbe abaqondanga ukuthi kwakunguWe, khona-ke, Baba, ngiyakhuleka, kulobubusuku,

ukuthi Uzokwenza into ethize ngendlela nje Owenza ngayo lapho, izinto nje Owazenza ngaphambi kokuba Ubethelwe, ukuze bazi ukuthi Wena uyiNkosi evukileyo, ukuthi Awufile, Ulapha, Uyaphila.

227 Bakuzwile kakhulu, Nkosi, sekuze nje kuba ngokwejwayelekile kubo, kodwa ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi kulobubusuku, kuzoba kabusha kubo, ukubazisa ukuthi loJesu ophilayo, ozofika masinyane, ulapha phakathi kwethu. Ungekwenze, Baba na? ngikucelela inkazimulo kaNkulunkulu, nokwakhiwa kweBandla laKho, eGameni likaJesu. Amen.

228 Ngibukeni njengenceku yaKhe, kholwani ngayo yonke inhliziyo yenu, nina bantu abagulayo. Ungabi nokungabaza okukodwa engqondweni yakho, kodwa kholwa ngenhliziyo yakho yonke, futhi ubone uma Ehlala, uma uJesu Kristu ephila.

229 Ngibambe izandla zami ngesizotha phambi kukaNkulunkulu, ukuthi abantu kuphela engibaziyo engingabakhomba kulesisakhiwo, futhi ngeke ngasho kubo, ngumngane wami lapha, uMfowethu Gene Goad, noMfowethu Skaggs waseChicago, usebenza neNkampani yakwaWinchester, uyi . . . unendawo yezemidlalo, abangane bami siqu.

230 Anginasiqiniseko uma laba besifazane abancane ababili, noma abathathu, abahlezi phandle lapha, bangabangane bami abavela eChicago. Lamantombazanyana amabili ahlezi lapha, enekhanda elincane elibomvu, ikhanda elincane elimnyama, uma, anginasiqiniseko, lokho ngamadodakazi kaMfowethu Welch Evans. Ngabe kunjalo na?

231 Ngaphandle kwalokho, yebo, nangu omunye weChristian Businessmen waseChicago, angisalikhumbuli igama lakho, indodana yakho ingunobhala, khona lapha, angikwazi ukubiza igama lakho. Yebo, nina nobabili ndawonye lapho. Lokho yi . . . Ngikuqaphelile nje uhlezi lapho.

232 Ngishumayela, ngalolugcobo . . . Manje, ku—kulapha, ngikuzwile. Ngiyazi nje kukuphuphuthekisa cishe impela, uyabo, uze ungabi uwe qobo lwakho. Ngaphandle kwalokho angazi muntu, akukho-bantu.

233 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, wena kholwa, uthi, "Nkosi, Jesu, ngiyazi iBhayibheli liyasho ukuthi UngumPristi oMkhulu ongathintwa ngukuzwelana nobuthakathaka bethu, futhi ngiyazi ukuthi Usenguye lowomPristi oMkhulu."

234 Wena uthi, "Amen"? Khona-ke uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, uyakukholwa lokho na? Uyavuma ukugibela umphefumulo wakho kulokho usuke lapha uye ePhakadeni, ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Manje-ke uma Esenguye, Ubeyokwenza kanjani na? Ngokufanayo njengoba Enza ngaleyonkathi. Ngabe kunjalo na?

235 Ngabe iBhayibheli liyasho yini ukuthi uJesu uyiZwi likaNkulunkulu na? Siyakukholwa lokho na? NeBhayibheli lasho ukuthi iZwi likaNkulunkulu lingumaHluleli wemicabango yenhliziyo. Ngabe kunjalo na? Khona-ke khuleka. Akuyona yini inselele leyo na?

236 Manje kinina eningabazayo: Uma nifuna ukuza lapha kulombhobho, nina bagxeki, futhi ufuna ukuthatha lombhobho, futhi wenze izinto ezifanayo, ingeyakho. Woza uthathe indawo yami. Futhi uma ungeke, khona-ke hlala uthule njalonjalo. Mbhishobhi, nhloko, dokotela, noma ngabe ungubani, woza ukwenze. Khona-ke kholwa kuJesu Kristu.

Khulekani, nina maKristu.

237 Wena uthi, "Uyesaba, Mfowethu Branham na?" Ngiqinisekile. Ngineqiniso ukuthi leyoNgelosi eyakhuluma kimi ngalobobusuku, yangitshela iZwi likaNkulunkulu. Angesabi, Uzokwenza, Wakwethembisa.

238 Manje, angikwazi ukukuphulukisa. Noma ubani ucabanga lokho, u—u—u—awunjalo ngisho . . . U—ucabanga- . . . Uthola lokho ekhanda lakho, a—awusoze wabizwa. Ufaka ekhanda lakho ukuthi uJesu Kristu usevele ukwenzele khona, khona-ke yiba nokukholwa.

Ngilindile nje, ngi—ngingeke, uma Engangitsheli, ngeke ngasho lutho.

239 Mfowethu, ungathanda kulolopiyano, *Kholwa Kuphela*, umzuzwana nje wehubo. Kade ngishumayela kanzima. Ngokuthula nje, nje "Kholwa kuphela, kholwa kuphela," ngokuthula manje.

240 Ake siMcabange eza ehla. Uthi, "Nkosi, ngigula ngokunhlobonhlobo, Ungaba nomusa kimi na?"

"Ngingakwenza uma ukholwa, ngokuba konke kungenzeka kwabakholwayo."

241 "Ngisanda kutshelwa nje ukuthi iZwi laKho lisho into *ethize-thize*, ukuthi Uyoba seBandleni laKho, futhi Uzazise, njengoba nje Wenza; Ngimzwile ekusho iviki lonke. Ngi . . . Indoda ibophezelekile ukuba ikhulume iqiniso, ngoba ngiya ekhaya ngqo, ngikufunde eBhayibhelini, kuyisithembiso. Mhlawumbe angifundiswanga lokho, kodwa ngiyazi ukuthi kuyiqiniso. NgiyaKukholwa wena, ngiyaKukholwa wena, Nkosi, siza Wena ukungakholwa kwami."

242 Manje lapho, lapho. EGameni likaJesu Kristu, ngithatha bonke omoya phakathi lapha babe ngaphansi kokulawula kwami.

243 Lapha, phakamisa ikhanda lakho. Elincane, inenekazi elimpunga lihlezi lapho . . . Ngifanele . . . khona lapha, i, lelinenekazi elincane khona lapha, nanti inenekazi, ngiyaxolisa, hhayi leli. Kulenga ngapha.

244 Anikuboni lokho kuKhanya na? Bukani lapha, ukuKhanya okuphuzi njengoba nikubona esithombeni, nakho Kuphezu kwenenekazi ngqo, Kuyahambahamba. Ngithetheleleni uma nginibuza lokho, leli ngelinye izinga.

245 Ngiyaqonda ukuthi ngisehholo elikhulu, futhi ngiyaqonda ukuthi ngibuka owesifazane, futhi uyakhuleka, futhi ngiyambhekisisa. Angikaze ngimbone empilweni yami. Kodwa nginga. . . Uma bengingakutshela, ngoMoya oNgcwele, lokho okhuleka mayelana nakho, uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha. Ukhuleka ngesibhono. Kunjalo. Futhi, inkathazo yamathumbu, izifo ezelakanyanayo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho *kanje*. Uma ngiyisihambi kuwe, phakamisa esinye isandla sakho.

Kunesibonakaliso esithize sokuvuka kwaKhe. Uthinte Into ethize. Ngabe kunjalo na?

Kuthiwani ngani nonke na? Niyakholwa na?

246 Inkathazo yomgogodla. Angikwazi, ngiyakwazi na? Siyizihambi omunye komunye. Unenkathazo emgogodleni wakho. Ukuba-ke uNkulunkulu ubengangitshela ukuthi ubungubani na? Ubungangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Nkk. Hollenbach. Kunjalo.

247 Lokho kisize umngane wakho ohlezi eceleni kwakho. Angikwazi nami, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Kodwa awuzikhulekeli wena, ukhulekela omunye umuntu. Uma ngikutshela ukuthi kuyini, ubungangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Ukhulekela umshana ohlulwa uphuzo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

Ngikuphosela inselelo ukuba ukholwe.

248 Lendoda ehlezi lapha nekhanda layo likhotheme, ikhala, ikhuleka, ihlezi lapha ezitebhisini. Unenkathazo yesisu, awunayo, mnumzane na? Uyisihambi kanye nathi. Uhlala isikhashana, ufanele ubuyele ekhaya, ungowaseDes Moines. Kunjalo. Umkakho unenkathazo yendlala, akanayo na? Umfana wakho omncane, umntwana omncane unesimo sesifuba somoya. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Beka isandla sakho phezu kwabo bobabili; ukholwe, futhi uye ekhaya, futhi usinde.

249 Awunayo into okuthiwa yikhadi lomkhuleko, unalo, mnumzane na? Ukholiwe nje, kunjalo na? Siyizihambi omunye komunye, phakamisa isandla sakho. Mina nawe asazani, siyizihambi omunye komunye. Yiba nokukholwa.

Yiba semkhulekweni. Ngibone into ethize yenzeka, angiqinisekile kakhulu ukuthi ibikuphi. Kholwa, uhloniphe ngokuzithoba.

250 Yindoda. Phakamisa ikhanda lakho, khona phakathi lapha. Uphethwe yinkathazo yenyongo. Ubukhuleka, "O Nkulunkulu,

makube yimi, kulobubusuku." Kunjalo, mnumzane na? Ngabe siyizihambi komunye nomunye na? Phakamisa isandla sakho uma siyizihambi omunye komunye. Awukwazi yini . . .? Ngiyazi anikwazi ukuKubona, lokho kuKhanya ngaphezu kwakhe. Awusuye owakhona lapha, ungowasedolobheni elibizwa ngeCanton. Kunjalo. Igama lakho nguMnu. Ellis. Lelo yiqiniso, akunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Kunjalo.

251 Nanti inenekazi, ezansi nje ngaphansi kwakho, lihlezi phansi ngalendlela, izandla ziphakamele emlonyeni walo, likhuleka, uphethwe yisisu. Unesimo sokucinana kwemithambo emphinjeni wakho, futhi. Siyizihambi omunye komunye. Awusho, nawe ungowaseCanton. Kunjalo impela. Igama lakho nguNkk. Effland, E-f-f-l-a-n-d. Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho, noma, yima ngezinyawo zakho ukuze abantu babone ukuthi lelo yiqiniso. Manje, uma siyizihambi, phakamisa isandla sakho. Uyangikholwa na? Khona-ke ngikuthuma ekhaya ukuba uphile, eGameni likaJesu Kristu.

252 Ngigibele kuLo! Ngeke kwehluleke, NguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, wavuka kwabafileyo, enza into efanayo uMoya oNgcwele ayihumushe ngendoda, kulobubusuku, futhi wathi, "kungathi kwakuvela e-Emawuse, ukuyozivalela noNkulunkulu." Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

253 Manje, ngenkathi kuphuphutheka kimi, zingaki izoni phakathi lapha ezi . . .? Nonke wozani lapha, futhi nime ngakimi umzuzu nje. Uyafuna ukugibela ungene eNkazimulweni eZwini laKhe na? Woza lapha, futhi ume lapha umzuzu nje. Omunye na? Phuma kuvulandi osesitezi. Sukumani. Zonke izoni wozani lapha umzuzu nje, abasha nabadala. Yileyondlela yokuza. Woza ngaphambili ngqo. Kulungile, mfowethu. Ukuhlabeka *okunjalo*, namadoda ewela kwenye nenye. Woza. Woza!

254 Kungani wethembela kunoma yini engaqondakali, isayense ethile yezenkolo yebandla na? Woza uzalwe ngoMoya oNgcwele kungenjalo ulahlekile. Ibandla lakho alisoze lakusindisa, lilihle njengoba lingaba njalo. Uma kuphela usonta, ulahlekile uze uzalwe ngokusha. Woza! UNkulunkulu wanikeza iZwi njengezwi eliqondakalayo, ULiqinisa ngezwi eliqondakalayo, futhi Lihlelekile ngokuphelele. Woza! Wonke umphefumulo wesono ocindezelwe woza, thembela eNkosini. Ngiyakumema ukuba uze. Akukho ukungaqondakali ngalokhu, uNkulunkulu washo njalo, uNkulunkulu uqinisa iZwi.

255 Futhi niyaLizwa ngezinye zezikhathi zokugcina, ngoba ngiyalishiya izwe. Futhi akasoze abekhona omunye enkundleni ngize ngihambe, ISHO KANJE INKOSI, akakaze abekhona, futhi akayikubakhona. Wozani ngenkathi nisengakwazi. Khumbulani, ngiyohlangana nani ekwaHlulelweni.

256 Wena uthi, "Ufanele ucule elinye iculo elidabukisayo." Ubufanele usukume uphume esihlalweni sakho, futhi uze ekuhlabekeni ngecala, hhayi ngeculo elidabukisayo, kodwa iZwi likaNkulunkulu, nobufakazi bukaMoya oNgcwele. Balekelani ulaka lukaNkulunkulu oluzayo, balekelani ukushiswa kwesihogo esibekwe emva kwenu. Woza, ngenkathi usenethuba lokuza.

257 Khumbulani, ngithi eGameni likaJesu Kristu: Angiyikuba necala ngezono zenu ngoSuku lokwaHlulelwa uma ungezi khona manje futhi wemukele uKristu.

258 Wena ongenawo uMoya oNgcwele, wena ongazi ukuthi ungumKristu wangempela, woza, ngikuphosela inselelo, ngiyakubiza, ngiyakuncenga, eGameni likaJesu Kristu ozayo. Nicabanga ukuthi kukude kakhulu kuvulandi osesitezi na? Kuyoba yibanga elide kunalokho, lapho uhamba kulowomgwaqo oya esihogweni saPhakade, lapho oyoshisa khona isikhathi esithile iPhakade.

259 O Nkosi, konke okunye kungokwaKho, akukho okunye engingakwenza.

260 Ihora likhula liba leyithi, ukubekezela kukaNkulunkulu kuya ngokuba kuncane. Lokhu kungahle kube yisikhathi sokugcina oyoke ube nobizo enhliziyweni yakho, kungcono uze. Ungahle ukhalele lolobizo ngobunye ubusuku lapho ulele phandle lapho emgwaqeni omkhulu, igazi ligobhoza emithanjeni yakho, ucindezelwe ngaphansi kwemoto; ulele ngaleya embhedeni, nodokotela ethi awusekho, ungahle ufune lowomuzwa uze enhliziyweni yakho, ungeke ube lapho, Uyokuhleka. Kungcono uze manje. Khumbulani, ngiyanitshela, eGameni leNkosi.

261 Kholwani . . . Angizibizanga ngomprofethi waKhe, nikwenzile. Ngiyalazi iZwi leNkosi-ke, liqinisile, LiLiqinisile. Woza.

262 Wozani wonke umphefumulo, wozani. Kunjalo, woza, woza manje, ngenkathi usengeza. Balekelani ulaka oluzayo, nilandela lokhu.

> Msindisi,

Kulungile, zisebenzi eziqondene nabantu, woza.

> . . . ukukhala kwami okuthobekile;
> Ngenkathi Ubiza abanye,

Soni, woza nabo.

> . . . ungangedluli . . .

Uthi, wesaba ukulahlekelwa ubuthongo obuncane na? Kuthiwani ngokuPhila na?

> Msindisi, Msindisi, ( . . . ? . . . )
> Ungangedluli.

Msindisi, Msindisi,
Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
Lapho . . .

263 Umzuzwana owodwa nje. Nina bafundi beMethodisti lapha, ngithanda ukukhuluma nani umzuzwana nje. Oguqe lapha phambi kwami ngumshumayeli weMethodisti, umfowabo ungomunye wamadoda amakhulu e-Asbury. UseyiMethodisti, kodwa ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Amandla kaNkulunkulu asempilweni yakhe.

264 Mfowethu Collins, ungama nje ngezinyawo zakho, umzuzu na? Umshumayeli weMethodisti, nanku wonke umndeni wakhe ungamaMethodisti, uza ekholiji leMethodisti, nezikole, yonke into, iziqu eziphakeme, nakho konke, futhi nangu. Uzwa iPhimbo likaNkulunkulu, futhi uyeza, futhi wemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ngabe kuyikho ngempela, Mfowethu Collins na? kubafundi beMethodisti.

265 Wozani nonke. "Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi, elidonswe emithanjeni ka-Emanuweli." Woza.

O, yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
Lapho Ubabiza abanye,
Ungangedluli.

266 Manje sonke asikhothamise amakhanda ethu ndawo zonke. MaMethodisti, khulekani ngendlela enenza ngayo ebandleni lenu leMethodisti; MaBaptisti, yenzani okufanayo; Presbyterian, yenza okufanayo; MaPentecostal, yenzani okufanayo. Wena lapha oguqe ngamadolo akho, ngikunika uJesu Kristu njengemiklomelo yeZwi laKhe.

267 Baba wethu waseZulwini, ngiKunika leliqembu labantu, kulobubusuku, njengemiklomelo yoMlayezo waKho, kaMoya oNgcwele waKho, umsindo ozwakalayo ovelayo ofakazisa ukuthi Awufile, kodwa UnguKristu ophilayo, ohlala eBandleni laKho, ohlala kubantu baKho, obanika uMoya oNgcwele, ungimema ukuba ngize, kubo bonke abayoza, kungakhathaleki ngenhlangano yabo, nenqubo yabo abangahle babe kuyo.

268 UnguNkulunkulu, Awuguquki, Uzifakazela Wena uqobo ukuthi unguNkulunkulu, Uyayazi inhliziyo yawo wonke umuntu, Wazi igama lawo wonke umuntu, Uyasazi isimo sabo, ubuwula babo, Wazi konke, Nkulunkulu, ngoba Ungosezindaweni zonke, onamandla onke, uNkulunkulu ongenasiphelo.

269 Ngikhulekela ukuthi Uzobasindisa, Nkosi, ngomusa wakho, ubagcwalise ngoMoya oNgcwele, thumela uMoya kaNkulunkulu phezu kwalezizethameli zonke, Nkosi, futhi nje vumela zonke izinhliziyo zigcwale. Kwangathi amakholwa manje angagcotshwa ngoMoya oNgcwele, ukuze bakwazi ukubonga kuNkulunkulu ukuthi basindisiwe kulezizinsuku, siphe khona, Nkosi, makuthi wonke owonayo ocindezelwe.

Ngizodedela abefundisi baphumele lapha, ngizonishelelisa ngapha, nime phezu kwalaba bazalwane lapha . . .?. . .

Kulungile, Mfowethu, ngikhathele futhi ngikhandlekile. Ungayithatha inkonzo na? UNkulunkulu akubusise . . .?. . .

(Yehlelani phakathi kwabo. Yehlelani lapha.)

270 Khona manje, leli yihora. Amen. Yimani ngezinyawo zenu ukuba nemukele uMoya oNgcwele, nonke.

